# *ISIBONAKALISO ESIKHULU*

Ngiyabonga, Mfowethu Borders. Asibe silokhu simile umzuzwana nje ngomkhuleko, sisakhothamisa amakhanda ethu. Manje sekuwukuvalwa kwalomkhankaso wezinsuku ezinhlanu, futhi siyabonga ngalokho iNkosi ekwenzile. Ngiyazibuza ukuthi zisekhona yini izicelo, engiqinisekile ukuthi zikhona, zaziswe ngokuphakamisa isandla sakho, futhi uthi, "Nkosi, ngikhumbule manje."

2 Baba wethu waseZulwini, siyeza futhi ekuvalweni komhlangano, ohlala njalo. . .futhi ikakhulukazi lona, uletha u—uzwelo oluncane, umuzwa wosizi enhliziyweni yethu, ngoba size ukuba sifunde futhi sithandane, ngezinhlonipho ezinokuhlonipha uNkulunkulu nothando lobuzalwane. SiyaKubonga ngakho konke Osenzele khona, izihawu esinikezwe zona. Wenze kithi okwedlulele, ngokuyinala kunalokho ebesikulindele, futhi sikhothamisa amakhanda ethu ngokuthobeka futhi sibonga kuWe.

3 Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobusisa sonke isicelo ebesingemuva kwalezozandla. Yilokho kuphela engikwaziyo ukukwenza, ngukubeka umkhuleko wami nokukholwa kwami phezu kwe-altare, nokwabo, futhi ngicele eGameni leNkosi uJesu ukuthi Uzosipha zonke izicelo.

4 Manje, Baba, siyakhuleka namhlanje ukuthi ekuvalweni kwenkonzo. . .futhi siKubonile usindisa abalahlekile iviki lonke, futhi siyakhuleka manje ukuthi Uzophulukisa abagulayo namhlanje, wenzela thina. Siphe ukuthi kungabibikho abantu ababuthakathaka phakathi kwethu lapho inkonzo isiphelile namuhla, kodwa kwangathi wonke umuntu angaphulukiswa. Busisa yonke imizamo nakho konke okuveziwe, noma ngasiphi isikhathi nomzamo, kwangathi kungabusiswa, Baba. Sinikela yonke imiphumela kuWe, futhi sithemba ukuthi sizophinde sihlangane ndawana thize nganeno komfula. Uma kungenjalo, siyazi ukuthi sizohlangana ngaLeya. Kuze kube yileso sikhathi, sigcine sinempilo, sijabule enkonzweni kaNkulunkulu. EGameni leNdodana yaKhe, uJesu Kristu. Amen.

Ningahlala phansi.

5 Ngiyazi nje, noma angazi neze, njalo, ukuthi ngiqale kuphi nokuthi ngithini. Ngizoqala ngithi ngiyohlala ngimhlonipha kakhulu umfowethu ongibizile ukuba ngize kulesisigodi, futhi lowo nguMfowethu Fred Friedmeyer. Ngicabanga ukuthi ungumngani ka—kaMfowethu Harrel.

6 Nomndeni omncane wakwa-Arganbright. UNkk. Arganbright ubelapha izolo ebusuku; kanye noMama omncane noBaba Arganbright. Abantu bakaNkk. Arganbright, angazi

ukuthi wayengubani igama lakhe ngaphambi kokuba ashade, kodwa kwakuyizifiki zokuqala ezazingena lapha ngezinqola ezindala, nenkabi, nokunye nokunye, futhi wazinza khona lapha eGrass Valley. Nakhu lapho ehlala ephupha ngakho. Bayangilandela emihlanganweni.

7 Mina noMfowethu Arganbright siye saba izithunywa zenkolo cishe emhlabeni wonke. Ume nami ezimpini ezinkulu; lapho sengibone izinyanga bathakathi ezingaba ngamashumi amabili noma amathathu ziza futhi ziphonse inselelo, futhi zihlale nhlangothi zombili, futhi zibize isiphepho bukhoma sibe khona. Ucabanga ukuthi abakwazi ukukwenza na? Awukaze ube yisithunywa senkolo, yilokho kuphela. Bangakwenza. Kodwa ngibone amandla kaNkulunkulu uSomandla ehlakaza lesosivunguvungu phakathi nendawo, futhi axebule indawo eyodwa iye emuva, nomunye, *kanjalo*, futhi abone izinkulungwane ezingamashumi amathathu ziza ziyiqulu e-altare ngesikhathi esisodwa, zemukela uKristu. Kuyinto ngempela ukuba sezinkundleni zemishini! Ngiyafuna . . .

8 Uma uNkk. Arganbright elapha futhi kulentambama, uNkulunkulu ahlale embusisa noBaba Arganbright! angizange ngifinyelele uku—ukumbona, ukuxhawula isandla sakhe, kungengaphezu kwemuva nje lesakhiwo. Bebengubaba nomama ngempela kimi.

9 UMfowethu Arganbright uphesheya kwezilwandle ngaleso sikhathi. Ngizohlangana naye ngokushesha. Siya e-Anchorage, e-Alaska, ukuyosungula eseChristian Business Men, uMkhandlu weFull Gospel Business Men's. Ngikhulumela leli qembu, emhlabeni wonke. Ngiya e-Afrika ukuyohlela eminye—eminye imikhandlu ezansi lapho. Ngifuna ukubabonga.

10 Futhi uNkk. Arganbright, uma ukhona, akumangalisi ukuthi wawujabule kakhulu ngalesi sigodi esincane. Noma, ngicabanga ukuthi isigodi, sibizwa ngokuthi iGrass Valley. Yeka indlela engimuzwe ngayo ekhuluma ngabantu abaningi abahle! Ngahlangana nabo.

11 Futhi ngifuna ukusho kubantu okanye nami, iqembu lami lapha kanye nabantu abangivakashelayo, woza lapha nami, lona akungabazeki umhlangano wethu wendlovukazi wemihlangano eyishumi nanye ebengiyihlelile. Owami wesikhombisa lona. Futhi lona umhlangano wendlovukazi, ngiyakholwa, wakho konke engibe nakho. Angizange ngibhekane hlobo kuleli viki ngabantu abagulayo; ngivele nje ngahlala neZwi. Futhi kube yinto enjalo, njengoba ungezwa lapho abantu bethatha iZwi, noma qha.

12 Umkami, emhlanganweni, uhlale emuva lapha izolo ebusuku. Ngenkathi ngiya ekhaya, wathi kimi, wathi, "Bill." Manje, uyintombazane ehlakaniphe kakhulu, ukubona okufihlakeleyo okuhle ngempela e, o, ukubona okufihlakeleyo

kwemvelo; Angiqondile ukuthi unokubona okufihlakeleyo kokomoya. Nje, wathi, "Labo bantu bayakukholwa. Labo bantu bayakuthanda." Wathi, "Ungaba nomhlangano wangempela lapho." Wathi, "Wonke umuntu ubheke lonke iZwi owalisho, futhi wabambelela kuLo ngqo." Futhi wathi, "Ubungabona nje ukubonakala kobuso babo ngenkathi bebuka, baKukholwa."

13 Ngathi, "S'thandwa, wubusuku bokuqala lobo, ngenkathi ngingena lapho ngabona lokho."

14 Uma nje ngisaphila, angisoze ngakukhohlwa lokhu kuvakasha okuncane eGrass Valley. Bengisezindaweni ezinkulu ngokwedlulele, kunjalo, izixuku ezinkulu ngokwedlulele, kodwa asikho isigejane esimnandi sabantu engake ngashumayela kubo, kunalapha eGrass Valley. Futhi ngifuna ukubonga abantu.

15 Bangitshela ukuthi i . . . yonke imali yathathwa ukukhokhela umhlangano, ngobusuku noma obubili obedlule. Futhi izolo ebusuku banginika umnikelo wobuthunywa benkolo, futhi namuhla bathe banginika umnikelo wothando. Manje, bekungadingekile. Angizelanga lokho. Angikaze, empilweni yami, ngike ngithathe umnikelo. Ngithola iholo ebandleni lami, lamadola ayikhulu ngeviki. Imali ethunyelwayo, siyayibamba siyifake ezimishinini, yonke. Bese kuthi-ke uma sesithole okwanele ukuba sihambe, siye emasimini ezimishini, khona-ke ngiyahamba. Ngakho-ke, asiwona umthwalo nakancanyana.

16 Bengikhuluma noMfowethu Harrel. Wangicela ukuthi ngize e-Accra. Ukholelwa ukuthi le nkonzo izoba nomthelela lapho. Isebenza kakhulu phesheya kwezilwandle kunalapha. Labo bantu, bayakufuna. Kukhona okumele bakubone.

17 Futhi ngakho ngilindele lesosikhathi esikhulu lapho ngiyoya kwa-Israyeli ngolunye usuku, ukuletha iVangeli kubo. Bengiseduze kwayo impela, muva nje, ithikithi lami lase livele lithengiwe. Futhi ngangise . . . NgangiseGibhithe, futhi isigamu sehora ngangikade ngiphakathi, ngaleya. Futhi uMoya oNgcwele, ngokuqinisekile nje njengoba uzwa iphimbo lami, wathi, "Leli akulona ihora lomJuda okwamanje." U-Israyeli uyosindiswa njengesizwe. Isizwe sonke siyofika kanye nje. UNkulunkulu usebenzana no-Israyeli njengesizwe, sonke siyakwazi lokho. Niyabo, hhayi njengomuntu ngamunye; isizwe. Futhi Akazange angivumele ngihambe. Niyakhumbula.

18 Bangaki abake bezwa ngoLewi Pethrus na? Abaningi benu. Ibandla laseStockholm. Wathumela amaBhayibheli ayisigidi ezansi lapho. Nibonile ephephabhukwini i*Life* lapho ayekhuphula khona lawomaJuda avela ezansi e-Iran, kanjalo kanjalo, futhi awakaze azi ukuthi yini . . . lalisalima ngamathuluzi okhuni amadala nezinto, futhi kwakubonisa isithombe semikhumbi. Nginayo, ebizwa ngokuthi "Imizuzu Emithathu Ngaphambi Kwaphakathi kwamabili," na—nalapho sathatha khona izithombe zawo engena, ethwele abathandekayo

bawo emhlane wawo, abadala bawo. Futhi bathi, baba nengxoxiswano nawo, lawomaJuda. Bathi, "Ngabe niza ezweni lendakubo ukuba nizofa na?"

Athi, "Siza ukuzobona uMesiya."

19 Lapho umkhiwane uveza imiqumbe yawo, lesosizukulwane sizoMbona. Ungenzela okuthile nje! Babheke uMesiya. UMfowethu Pethrus ubanike lamaTestamente eLisha amancane. IBhayibheli lamaJuda lifundwa ukusuka ngemuva uye ngaphambili, niyazi. Futhi ngakho ayelifunda. Futhi lapho eselifundile, athi, "Uma lokhu . . . " Awazange ezwe lutho ngoJesu.

20 Ayesezansi lapho iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, futhi ayengeke aze angene ngisho nakulezozindiza. Futhi ayengazi. Kwakubukeka njengenyoni, kuwo. Awazange azi lutho ngakho. Ngakho umpristi wawo wama wathi qekelele, urabi, njalo, futhi wama wathi qekelele wayesethi, "Lalelani! Umprofethi wethu wasitshela ukuthi siyothwalwa sibuyiselwe ezweni lendabuko ngamaphiko okhozi."

21 Niyabona ukuthi sisondele kangakanani, mngane na? Sisemnyango. Khumbulani, lapho iVangeli liya kumJuda, oweZizwe usephelile, umnyango uvaliwe. Niyabona ukuthi kusondele kangakanani na?

22 Bese-ke beza. "Sangena endizeni lapho urabi wethu esitshela ukuthi ngesikhathi elethu . . . sizojika sibuyele ezweni lendabuko." Umprofethi wawatshela. Akholwa njalo ngabaprofethi bawo. "Nomprofethi wathi siyobuya ngamaphiko okhozi." Nakho la kwakukhona, leyonyoni, indiza.

23 Ehla, athi, "Sibheka uMesiya." Ayengabhekile izwe lendabuko; ayebheke ukubona uMesiya. Lapho umJuda eyobheka lokho, kukhona okuseduze. Ayayifunda leNcwadi, futhi athi, "Siyabakholwa abaprofethi bethu, futhi siyazi ukuthi uMesiya uzoba ngumProfethi lapho Efika." Athi, "Uma lona kunguMesiya, khona-ke Uyaphila, asiMbone enza isibonakaliso soMprofethi. SizoMkholwa." Mm! Yeka into ephelele kanjani!

24 Ngingathanda ukubiza amakhulu amahlanu noma ayisithupha awo ndawonye. "Usho lokho na? Ake sibone ukuthi Uyaphila yini, noma qha. Futhi emihlabathini ngqo lapho oyihlo baMenqaba khona, manje Memukeleni." OweZizwe usephelile-ke.

25 Ngena, ngokushesha, hlala ngaphakathi ngokushesha impela. Akusikho, angiqondile ukuba nozwelo, kodwa ngi—ngiyazi ukuthi sisekupheleni. Manje, Into ethize nje engaphakathi kimi ingitshela ukuthi kukhona okulungiselela ukwenzeka. Akukwazi nje ukuqhubeka. Silapha nje. Konke sekwenzekile. Angazi nini. Kungahle kube namuhla nokho, kungahle kube ngeviki elizayo, kungase kube iminyaka emihlanu, kungase kube iminyaka eyishumi. Angazi. Kodwa

kubonakala sengathi kuseduze kabi. Ngikubhekile. Ngeke sikwazi ukuphila isikhathi eside kanje. Siyazi ukuthi asikwazi.

26 Ngakho, ngiyanithanda ngokulalela iZwi. UNkulunkulu anibusise. Ngiyonikhulekela njalo.

27 Futhi ngifuna ukunicela umusa. Lokho ngukuthi, lapho . . . Ngilungiselela ukuya phesheya kwezilwandle manje. Futhi lapho ubusuku bumnyama, nezinyanga bathakathi nhlangothi zonke, liguqubele futhi linzima, nizongikhulekela, angeke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngizobe ngikukhumbula.

28 Ngifuna ukubonga abantu bakulelihholo elikhulu. Lena yindawo ekahle, enhle, ehlalisa kahle kakhulu, futhi yonke into inhle kakhulu. Angazi ukuthi ubani, noma ngabe lu—lusuku lwesikhulu, noma yini ethatha inda- . . . noma iyinikele—iyinikele, ikomiti labo. Noma ngabe kuyini, ngifuna ukubabonga ngalesi sakhiwo esihle. Ngifuna ukubonga ngamunye wenu ngokubambisana kwenu.

29 Ngifuna ukunibonga ngomnikelo. Ngi—ngizokwenza okukwedlula konke kakhulu, ngomusa kaNkulunkulu, ukukubona kuya eMbusweni kaNkulunkulu, ukwenzela uMbuso. Niye nadonsa, nibeke ingxenye yokuphila kwenu lapho. Ngiyakwazi.

30 Futhi ngi—ngiyanithanda. Izikhathi eziningi lapho kufanele nginyakazise izinto engizenzayo, kungenxa yothando, uthando luyaqondisa. Uthanda njalo . . . Ubone umntwana wakho omncane laphaya emgwaqeni, ubungeke uthi, "Mfo omncane bandla, myeke nje." Ubungamngenisa, umsuse kulowomgwaqo, futhi umqondise, niyabo, ngoba ubezobulawa. Angifuni niKugeje, bangane. Ngifuna nihlale naKho ngqo.

31 Khona-ke ngifuna ukubonga abazalwane bami. Sukumani lapha umzuzu, nizokwenza yini, bazalwane? Woza lapha umzuzu, umzuzu nje. Kuxhuxhumisa inhliziyo yami. Si . . .

32 "Zonke izinto zisebenzelana kube ngokuhle kulabo abathanda uNkulunkulu." Phezu kweSedalia, lapho ngangifuna ukuba ngiye khona kabi kakhulu. Nganginezincwadi eziningi kakhulu phakathi lapho. UMfowethu Borders, ngenkathi efika ezansi lapho, wathi, ngandlela thize enye bathi ukungenqaba, futhi ngenxa yento engangiyishilo eteyipini, iMfundiso ethize. Abazange babe nandaba naYo. Ngakho lokho kwakulungile, yiwo wonke umfo lowo, niyazi. Kodwa babengazi ukuthi babenzani. Ukuba babeLithathile, bengingeke ngize eGrass Valley. Isizathu sokuthi baLenqabile, (bebengakwazi) kwakunguNkulunkulu engiletha eGrass Valley.

33 Nakhu simi kulentambama. Nginabefundisi abane ababambisanayo lapha. Omunye wabo yi-Assembly of God, okuyibandla elikhulu, iqembu elikhulu labantu, lingisizile ngokungixhasa emhlabeni wonke. Olandelayo yiChurch of God, elinye iqembu elikhulu labantu bePentecostal, langisiza

ngokungixhasa emhlabeni wonke. Olandelayo yi-United, noma iPentecostal Oneness, elinye iqembu elihle labantu elingisize ngokungixhasa emhlabeni wonke; ngisanda kushiya nje eLos Angeles, lapho amabandla angamashumi amane nokuthile eLos Angeles enkulu, e-United Pentecostal Church, axhasa umhlangano owawuseCow Palace; noma, sikubiza ngokuthi iCow Palace, imibukiso yesitoko esikhulu. Omunye wabo yi-Interdenominational.

34 Uyazi ukuthini, ngifuna ukunitshela okuthize. Ziningi izinhlangano zalamadoda osekube yizikhathi ezingenqabele ezintweni engizishilo. Kodwa lamadoda, ngiyaqonda ukuthi kade ehlanganisa amaqembu awo futhi ekhuleka. Yilokho okukwenzile. Bukani, siyizidalwa ezingabantu, sobane simi lapha kulentambama ngobunye nobuzalwane. Angazi ukuthi ngiyoke ngime kuphi nanoma yini engcono, kuloluhlangothi lweZulu. Ngisho lokho. Angisho lokho ukuze nje ngilingise; nginazo ezinye izinto engingazisho. Kodwa, ngiqonde lokho. Kuvele kubonise ukuthi yini ongayenza uma uhlanganisa inhliziyo yakho.

35 Lezozinhlangano ezinkulu ziyamangalisa, zikahle, zinamadoda akahle kuzo zonke. Ngibashumayelela bonke, futhi ngiyazi ukuthi yi—yiqiniso. Ngangiwakhumbula kanjani ama-Assemblies of God, ukuthi afika kanjani ukungitakula ezikhathini eziningi! Ngiyayikhumbula iChurch of God enhla lapho eTennessee, ngenkathi ngenyukela lapho futhi ngaqasha ihholo elikhulu kakhulu; futhi ngithola ukuthi, omunye umfowethu wayengibhalele futhi wayenebandla elilodwa elincane ezansi, naleyoLee College enkulu ihlangana ndawonye, bagcwalisa izinkulungwane eziyisithupha, ngobusuku besibili, kanye nomphathi-dolobha wedolobha kanye nabo abakwazanga ngisho nokungena. Angisoze ngakukhohlwa. Kukangaki amabandla amancane e-Oneness ema eduze kwami ezinkundleni zemishini nakwezinye izindawo. Abangakhethi-hlelo, noma ngabe bakuphi, bangamadoda angempela kaNkulunkulu kulezozindawo.

36 Manje, kungalesosizathu uNkulunkulu esebenzana nabantu ngabanye. Akazange Asebenzane namaqembu. Niyabo? Ngesikhathi sikaNowa, ukubhujiswa kwangaphambi kukazamcolo, Waba noNowa. Isikhathi sokubiza u-Israyeli aphume, WayenoMose. Ukufika kukaKristu, uJohane umBhaphathizi. Ezinsukwini zikaKristu, uJesu. Ezinsukwini zikaLuther, uLuther. Ezinsukwini zikaWesley, uWesley. Niyabo, kungumuntu ngamunye nje. Lokho kungokulungile. Amadoda kaNkulunkulu, uNkulunkulu asebenzelane nawo.

37 Futhi manje, ekwehlukaneni, ngingasho lokhu. Ukubona amadoda ahlanganisa amaqembu awo ndawonye, futhi akhuleke emunye, abazalwane, ningakuvumeli neze lokho kume. Gcina nje lokho kuqhubeka, noma yini oyenzayo. Yikho konke.

38 Manje, ngenkathi siqala ezweni lonke. Ngingumthandi weFord. Ngiyayithanda iFord. Umfana wami uthanda iChevrolet ngendlela efanayo nje. Uthanda kakhulu iChevy njengoba nami nginjalo ngeFord. Awu, uyangitshela, "Usgedlemba wakho wakwaFord ngeke uphumelele." Ngathi, "IChevy yakho endala eyisikhehlekhehle ngeke." Kodwa niyazi ukuthini? Ubehlala eyindodana yami; bengihlala ngingubabayi wakhe. Sihlalile emotweni yethu futhi sobabili safika lapha, ngoba besibheke Into ethize enkulu ngokwedlulele kuneFord noma iChevy. Niyabo? Niyabona ukuthi ngisho ukuthini.

39 Uma ngiyothengela abantwana bami u-ayisikhilimu, omunye wabo uzothi "i-vanilla," omunye athi "ushokoledi," omunye athi "amajikijolo," omunye athi "iwolintshi." Lapho ngibuya, nginombala owuthingo lwenkosazana. Ukwehluka okuningi kakhulu! Lokho kusekunambitheni kuphela. Konke u-ayisikhilimu. Futhi e . . .

40 Nakhu kumile namuhla. Sonke sizalwa ngoMoya ofanayo. Ihlelo liwukunambitha kuphela. Konke ngu-ayisikhilimu. Konke kunguMoya kaNkulunkulu. Futhi niyazi ukuthini? Uthingo lwenkosazana lwenza isivumelwano. Asihlaleni ngalendlela, bazalwane. UNkulunkulu anibusise. Masihlale, niyabo, isivumelwano sothingo lwenkosazana.

41 UNkulunkulu, uNkulunkulu akahlali eSears and Roebuck Harmony House, empeleni. UNkulunkulu unguNkulunkulu wezinhlobonhlobo. Benikwazi lokho na? Kungani Enza izimbali ezibomvu, izimbali eziluhlaza sasibhakabhaka, izimbali ezibomvana, zonke izinhlobo ezahlukene zezimbali na? Akazange, kungani Engazange avele azenze zibe mhlophe zonke noma zibe bomvu zonke na? Kungani Enze izintaba ezinkulu, izintaba ezincane; amasundu, izihlahla zom-oki na? Kungani Akwenza na? Ngoba Yena uthanda izinhlobonhlobo. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini na? Uthanda izinhlobonhlobo. Kungani Enza intaba, kwase kuba ithafa, ugwadule olomile ngempela, kwase kuba ulwandle olumanzi na? UnguNkulunkulu wezinhlobonhlobo. Kodwa Ufuna ukuthi konke kuhambisane ngokuvumelana. Yingakho Angenza ngaba nezindlebe, ikhala, umlomo; nawe ngendlela efanayo. Konke kuhambisana ngokuvumelana emzimbeni owodwa.

42 Yileyo indlela esingenza ngayo, sihambisane ngokuvumelana. Ngokwemibono yethu ehlukene, sisahambisana ngokuvumelana ngoba (sinjalo) ukunambitheka akuhlangene nalutho nakho. Singabantu bakaNkulunkulu, sonke simasha ndawonye ngenjongo eyodwa enkulu, ukuzuzela uKristu imiphefumulo. Kwangathi kungaba ngaleyondlela njalo! Kwangathi lesi sixha sezimbali esikhulu sokubuthana kukaNkulunkulu ndawonye lapha singaba yisixha sezimbali zaphakade aze Afike ukusiyisa eKhaya. Isifiso sami esiqotho yileso.

43 Manje, namhlanje, sibeke isikhathi sokuphulukiswa, ukukhulekela abagulayo. Ngibe nesikhathi esimnandi kakhulu sokuhlangana nabantu emgwaqweni, ngibezwa, ngihlezi, uMoya oNgcwele ungiholela ezindaweni.

44 Namuhla ekuseni ngingene ukuze ngidle ukudla kwasekuseni, nakho kuhlezi indoda ihlezi lapho. Kungenzeka ukuthi ihlezi khona lapha manje. Ibilapho-ke, ihlezi lapho, umfundisi ovela enhla ngaseTennessee. Ibiphethe ipuleti elikhulu eligcwele amazambane athosiwe, nehemu kanye namaqanda. Ivele yaqala ukumemeze, yathi, "Mfowethu Branham, ngaphambi kokuba ngihlangane nawe, angikwazanga ukwenza lokhu. Nganginesisu esinezilonda zasesiswini." Yathi, "Manje ngidla engikufunayo, ngomusa kaNkulunkulu."

45 Omunye wathi, "Bengingenabo abantwana, inyumba. Manje senginabafana abahlanu."

46 Nakho lapho okhona! Niyabo, "Kungumusa kaNkulunkulu nje," yilokho okuyikho, niyabo, "kuthululwe kwasabalala ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele." UNkulunkulu anibusise njalo! Ngibonga, kakhulu. Ngibonga abangenisi, kukho konke osekwenzekile. UNkulunkulu anibusise. Futhi ngithemba ukubuya nani futhi. Ngize ngikwazi ukufika, khulekelanani, omunye nomunye. Futhi ningifake emikhulekweni yenu, uma nenza lokho. UNkulunkulu anibusise.

47 Manje, asikhothamise amakhanda ethu manje okwezwi nje ngaphambi kokuba siqale indikimba encane yenkonzo yokuphulukisa.

48 Baba waseZulwini onomusa, kuyinto enkulu kakhulu ukuhlangana nabantwana baKho. Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi ngimi emgwaqeni, akekho owayengakhuluma nami, kusukela empilweni yomndeni, igama elimpofu, elibi. Indoda ethile ikhuluma, kwase kuqhamuka omunye, wahamba wangishiya ngimile lapho. Futhi manje abantu emhlabeni wonke! Akumangalisi Wena wathi, "Oyakushiya konke, Ngiyakumnika obaba, omama, odadewabo, nabafowabo. Kulelizwe, zonke lezi zinto; nokuPhila okuPhakade ezweni elizayo." SiKubonga kanjani!

49 Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, manje ukuthi umusa nesihawu kuzohlala phezu kwethu njengoba sithemba Wena futhi sikhonza Wena osukwini lwethu. Yiba nathi manje. Busisa konke osekwenziwe. Busisa lababantu. O Nkulunkulu, angazi ukuthi ngithini . . . Uma ngithole umusa emehlweni aKho, phendula sonke isicelo sakho. Kwangathi kungebebikho obuthakathaka phakathi kwabo. Kwangathi bangaphulukiswa.

50 Busisa laba belusi. Busisa amabandla abo. O Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi laba abaphendukile kuleliviki bazothola i—ikhaya kwamanye alamabandla amahle lapha. Bazise ukuthi

bangamadoda ayemi lapha emsamo, futhi uye wahlehla futhi wangikhulekela, futhi wema emva kwami. Nkulunkulu, ukuba bengihlala lapha, bengiyofuna ukuba ngomunye wabo, mina uqobo. Ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa. Kwangathi kungaba khona imvuselelo yemfeshini endala equbuka kuwo wonke amabandla abo, ezoqala nje amabhola omlilo kaNkulunkulu egingqika ezweni lonke. Siphe khona, Nkosi. Phulukisa abagulayo emihlanganweni yabo; sindisa abalahlekile; gcwalisa ngoMoya oNgcwele. Futhi Ulokhu ukuqhubeza, Baba, uze Uthumele uJesu. Siphe khona, ngokuba sikucela eGameni laKhe nangeNkazimulo yaKhe. Amen.

51 Manje, kwabaphendukile abasebasha olapha, abaphendulwe ngesikhathi salomhlangano, ukuthi sizame ukwenza konke esingakwenza ukusiza. Manje sifuna wena ukuthi uthole elinye lalamabandla ozikhethela lona, yiliphi ofisa ukuya kulo, futhi lapho hamba, futhi ubhaphathizwe, futhi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi uhlale inqobo nje uma usaphila, wenze isisebenzi esihle ngempela kwelinye lalamabandla amahle. Bayawukholwa uMlayezo engiwushumayelile, noma bebengeke babe nami lapha noma ngibe lapha ukungisekela ngomkhuleko. Bakhulula amabandla abo, ngakho bangabelusi bezimvu; Bengingesho nokukodwa ukulimaza, ngokuba ngiyoba umbhubhisi wezimvu. Futhi angifuni ukwenza lokho. Ngifuna ukusiza izimvu, ukuphaka uKudla-kwezimvu. Yingalesosizathu ngizama ukuhlala neZwi ngqo.

52 Manje ngifuna ukukhuluma isikhashana nje. Futhi ngiyazibuza, ingabe izwi lami liphuma kahle kuvulandi osesitezi, niyangizwa na? Ngicabange ukuthi ngibaqaphele abantu behambahamba. Noma ngabe ubani . . . Mhlawumbe nginakho lokhu ekuguqulweni. Ngi . . . Ingabe ilokhu na? Qhabo. Lokhu, ingabe kungcono lokho na? Lokhu, lokho kusengcono na? Kulungile. Ngizothatha lokhu lapha futhi ngikhulume kulokhu.

53 Manje, ake sizinze manje. Futhi ngixolise ngomuzwa wami, umuzwa wami wokuzwelana, bengizothi ukudangala. Angikwazi ukuzibamba. Ngesikhathi lapho ngiqala ukuhlangana nomuntu-mumbe, futhi ngibathande, sijwayelane, khona-ke sifanele sithi, "Bhayi-bhayi, sibonane futhi ngelinye ilanga." Ngiyakuzonda ukwenza lokho. Kodwa ngifuna ukunitshela, ngolunye usuku siyohlangana lapho singeke sisavalelisa khona. Kunjalo, ngaphesheya nje komfula! Futhi, o, nginezinto eziningi kakhulu engingathanda ukukutshela ngakho, ngezehlakalo, ngifisa sengathi ngabe benginamaviki amathathu noma amane nje ukuhlala lapha. Futhi, kodwa mhlawumbe, iNkosi ithanda, ngingabuya ngesinye isikhathi futhi sizoqhubeka.

54 Manje ukuqhubeka nje, isizathu sokuba ngikhulume ngo-Abrahama, a—angikwazanga nje ukumkhuphulela esiqongweni sentaba. Nganginezinto eziningi kakhulu

enganginganitshela ngaye ezansi lapha, lapho ayenohambo lwakhe khona. Futhi ngikwenzele ukwakha ukukholwa kini, nazi ukuthi niyizindlalifa kanye naye. Niyi—niyiNzalo ka-Abrahama. Uma nifile kuKristu, niyiNzalo ka-Abrahama, futhi niyizindlalifa kanye naye ngokwesithembiso. Cabanga ngakho! Bangaki phakathi lapha abangamaKristu azelwe ngokusha na? Phakamisani izandla zenu. Kubukeka sengathi amaphesenti ayikhulu. Khona-ke niyiNzalo ka-Abrahama, futhi niyizindlalifa kanye naye. Niyizindlalifa. Konke Akwenzela u-Abrahama, Wethembisa ukunenzela khona. NeZwi lapha liyisithembiso saKhe, ngakho vele ubambelele kuLo manje.

55 Futhi ake sifunde okunye kwaKho. Ngifuna ukufunda eNcwadini ka-Isaya, ngendikimba encane, ukuqoqa ingqikithi. U-Isaya, isahluko se 7, ivesi le 14.

> *Ngalokho iNkosi uqobo iyakukunika isibonakaliso; Bheka, intombi iyakukhulelwa, izale indodana,* ba*yakuyiqamba igama lokuthi u-Imanuweli.*

56 Manje kusukela lapho ngithanda ukudonsa indikimba, yalokhu: *ISibonakaliso Esikhulu.*

57 Siphila o—osukwini lwakho konke kufanele kube ngokukhulu. Akuthengiswa; kufanele kube ngokukhulu. Wusuku olukhulu nje. Thina njalo...Isitolo segrosa esidala esisekhoneni sesithi asiphele, lapho esasivame ukwehlela khona ngoMgqibelo ebusuku futhi sikhokhe isikweletu segrosa, kanye—kanye nesitolo esincane esisekhoneni. Kungani na? Imakethe enkulu kakhulu iyasixosha.

58 Ngivakashela enye yezimakethe zenu ezinkulu. Nginendaba encane engizonitshela yona ngayo. Lamanzi lapha, angamanzi amnandi, amnandi futhi ayabanda. Kodwa athi ukusigulisa sonke, ukushintsha amanzi, ngakho izinganyana zagula. Futhi umkami, sehlele emakethe enkulu lapha, ukubona ukuthi banawo yini amanzi. Futhi inenekazi lakhomba phezu kweshalofu. Futhi saya ngaleya, futhi kwakubukeka sengathi ubhiya emakanini. Ngabuyela emuva, ngase ngithi, "Ingabe amanzi lawo na?"

Wathi, "Kufunde.'"

59 Ngakho, kwakungamanzi. Futhi ngathola ikesi lalawo makani. Ngasizwa ngimkhulu *kangako* siphuma, ngiphethe lawo makani. Ngacabanga, "Kuthiwani uma umKristu othile engibona ngiphethe lawa na? Ngingake ngikwazi ukuchaza ukuthi bekungamanzi na?"

60 Futhi, ngakho, khona-ke sengifika ezansi ehotela lami labahamba ngezimoto. Inenekazi lalingumKristu ophethe indawo, abantu abakahle kakhulu. Futhi wathi, "Awu, umyeni wami uthe ubonge kakhulu ngokuthi asinawo amakani kabhiya ukuwathatha kuleliviki."

61 Ngathi, "Nenekazi, uwaqaphelile amakani amanzi na?" Ngangifuna ukuqiniseka ukuthi liyaqaphela ukuthi kwakungamanzi. Futhi—futhi ngihambahamba nalesigejane samakani esandleni sami, niyazi, kodwa ngamanzi asemakanini.

62 Manje, ngakho, izimakethe ezinkulu, izindawo ezinkulu, banezinto isitolo esincane esisekhoneni esingazipakishanga. Yimakethe enkulu.

63 Bese kuthi-ke imodeli yami endala i-A, isiphelelwe yisikhathi, futhi. IFord yami, leyo—leyo uBilly ehluka ngayo kimi, ephuma lapha . . . Empeleni, uradiyetha wakhe kwiChevy yakhe entsha ubilile yonke indlela lapha, namabhuleki ami asha kwiFord yami. Ngakho, niyabo, kuthathe uNkulunkulu ukuba asikhiphe lapha, noma kanjani. Ngakho yilokho esinakho, kungumbono nje. Zombili zisilethe lapha ngoba sithembele kuNkulunkulu, hhayi iChevy noma iFord. Ngakho, kodwa manje . . .

64 Eyami yokuqala engaba nayo kwaba imodeli T. Ngibe neFord selokhu kwathi nhlo. Futhi ngangihlala ngithi into yayizohamba amamayela angamashumi amathathu ngehora. Kwakungabazeka kakhulu, kodwa nganginakho . . . Ngangihamba amamayela ayishumi nanhlanu ngehora *ngapha*, namamayela ayishumi nanhlanu ngehora *ngapha*, niyazi. Ngakho, phakathi kwakho, ngithola amamayela angamashumi amathathu ngehora.

65 Kodwa manje sebenenkulu, he, ikushwizisa ngempela emhlabathini. Asibange sisakwazi ukuthengisa imodeli-T endala, ngoba sekuwusuku lokukhulu. Konke kufanele kube kukhulu. Futhi manje sebenawo ngisho amajethi amakhulu, imigwaqo emikhulu kakhulu.

66 Ngani, lezi zimoto esinazo namhlanje, azikwazanga ukugijima kulemigwaqo emikhulu ebesijwayele ukuba nayo. Uhambo lwami lokuqala eNtshonalanga, kwangithatha izinsuku eziyishumi nesithupha ukusuka eJeffersonville ngiya ePhoenix, e-Arizona, amamayela angamakhulu ayishumi nesishiyagalombili. Kodwa, he, okuningi kwakho, ngo-1926, babengenalutho kodwa imigwaqo emidala nje yamadwala. Ngangingumfanyana ngihlezi lapho, ngibambe le Ford enokhakhayi olugoqekayo, ngacabanga ukuthi ngangiqeda uhambo ngokushesha. Kwakuzothatha ihhashi izinyanga ezimbili noma ezintathu ukukwenza, ukube ubaba wayefikile.

67 Kodwa niyabona manje, kwenzekeni khona manjalo na? Iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha bekuyindoda efanayo. Kodwa khona lapha eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, uqhamuke esuka ehhashini nekalishi, waya kwijethi noma umcibisholo. Kungani na? IBhayibheli lathi bayo "gijima baye emuva naphambili" kulezi izinsuku zokugcina, "nolwazi luyakwanda." Yisibonakaliso sesikhathi sokuphela.

68 Okukhulu, konke kufanele kube kukhulu; ngeke kusebenze. Ngisho, bafuna abantu abakhulu. Thina ngisho. . . Bangitshela ukuthi banabalingisi bethelevishini abambiza ngo "Superman." Njalo into ethize enkulu! Ababili noma abathathu babo bazibulele, noma okuthize, bezama ukulungisa lowomqondo wengqondo. Mfowethu, sisenkathini yokusangana, ukuthi yonke into isiba ngenkulu kakhulu.

69 Siyizidalwa ezingabantu nje. Futhi bafuna uhlanga olukhulu. UHitler wathi iJalimane yayiwuhlanga olunamandla. UStalin washo ukuthi—ukuthi amaRashiya ayewuhlanga olunamandla. Kukhona okungalungile ndawana thize. Bonke benziwe ngesihlahla esisodwa, ngakho iBhayibheli lasho, ukuthi, "UNkulunkulu, ngomuntu oyedwa, igazi elilodwa, wenza zonke izizwe; umuntu oyedwa, u-Adamu." Kulowo Adamu kuvela zonke izinhlanga, abamnyama, abamhlophe, abansundu, abaphuzi, ababomvu, noma ngabe kuyini, UNkulunkulu wakukhipha kulelogazi elilodwa. Ngamunye wethu angakwazi ukuthekelela ngegazi. Izwe esakhulela kulo futhi lashintsha izikhumba zethu zaba imibala ehlukene, kusengumuntu ofanayo.

70 Futhi ngiqaphelile, njengesithunywa senkolo. Ngokungangabazeki, umzalwane ubengasho okufanayo. Ngike ngaya eMalawini, lapho ababengazi nokuthi yisiphi isandla sokudla nesobunxele. Kodwa mabemukele uMoya oNgcwele, benza into efanayo oyenzayo lapho uthola uMoya oNgcwele. Kunjalo! Benza ngendlela efanayo, nikhulume ngezilimi ezingaziwa, benza izinto ezifanayo nje enizenza ngoMoya oNgcwele. Impela! Futhi bayavutha ngempela.

71 Manje zonke lezi, ezinkulu, ezinkulu! Manje bayawushiya umhlaba, benyukela emikhondweni, nosonkanyezi, nokunye nokunye. Bathole yonke into inkulu kakhulu! Kukhuluma ngani, konke lokhu na? Ngesibonakaliso sobumnyama obuzayo! Kunjalo.

72 Umuntu ubelokhu ezama ukuzenza ukuzuza ngempumelelo ngolwazi lwakhe uqobo. Lokho bekungesakhe—lokho bekungesakhe isiqubulo ngaso sonke isikhathi, sokuzama ukuzuza ngempumelelo okuthile ngolwazi lwakhe uqobo. Kwaqala ekuqaleni, ensimini yase-Edene. U-Adamu, kwathi nje esewile emseni, wazama ukuzuza ngempumelelo okuthize, wazama ukuzuza ngempumelelo ibandla elikhulu kakhulu, okungukuthi, indlela yokuhlengwa ngaphandle kokubuyisana. Wazama ukuzuza ngempumelelo ibandla, indlela yakhe ebuyela ensimini, ngaphandle kokubuyisana. Futhi uye wazama into efanayo ngaso sonke isikhathi. U-Adamu owile namhlanje uzama into efanayo, ukuzuza ngempumelelo ibandla elikhulu, isihlakani esithile esikhulu, omunye omkhulu okhangayo, nobuhle.

73 Manje, uma siqaphela kuphela ukuthi kunendlela eyodwa kuphela yokubuyela emuva, futhi yileyo ndlela uNkulunkulu ayincoma kuqala: igazi.

74 UKayini, wakha ibandla, wenza umhlatshelo, wanikela ngomhlatshelo, eqotho, futhi wakhuleka; futhi uma uNkulunkulu emlahla ngecala futhi wamukela u-Abela, phezu kwesisekelo esifanayo, uNkulunkulu wenza iphutha uma Enza lokho. Kodwa, uKayini weza ngendlela yakhe. No-Abela weza ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, isambulo sokuthi kwakungesona isithelo (njengoba abanye abantu becabanga namuhla) esaxosha u-Adamu no-Eva ensimini yase-Edene.

75 Manje, lokhu ukuphawula. Angikusho nje ukuze ngiphawule kabi, kodwa nje ukuveza iphuzu, hhayi ihlaya. Kodwa, bengihlala ngithi, abantu bayakholwa (yingakho ngenqatshwa kulowo omunye umhlangano) ukuthi—ukuthi kwakungama-aphula noma into ethize eyadliwa ngu-Eva, eyabangela u—ukuwa. Uma ukudla ama-aphula kwabangela ukuthi abesifazane babone ukuthi bahambaze, kungcono siwadlulise ama-aphula futhi. Lokho kunjalo impela. Yebo, mnumzane. Kwakungewona ama-aphula, futhi ungavumeli neze noma ubani akuhlohle emphinjeni wakho.

76 Wabona ngani ukuthi wayehambaze na? Nakanjani! Kungani ukuphila kweza ngalokho, leyompilo ephendukezelwe na? UNkulunkulu, uMakhi omkhulu, wayenayo yonke imizimba yendlalwe lapha emhlabeni, yekhalsiyamu, ipotashi, iphetroliyamu; Wayezowudala futhi awenze. Kodwa yena, weqa indlela kaNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Wenzani u-Adamu lapho efika kumkakhe na? Lapho efika kuye, wamthola ekhulelwe (impela nje) owomubi, ongaphandle wakhe, ukukhulelwa kwakuthole imbewu engcolile. UJehova, ngaphambi kokuba Ashade, umkaKhe wenza into efanayo. NoJesu, ngaphambi kokuba Afike kuMlobokazi waKhe, wayezihlelile futhi waba iBandla lamaRoma aKatolika. Into efanayo!

77 Kodwa Uzoba noMlobokazi, ungakhathazeki, lowo ozothengwa ngeZwi laKhe, khona impela Akutshela u-Eva ukuba ahlale nakho. Uyoba neBandla, amen, eliyothengwa ngeZwi laKhe!

78 Manje sithola ukuthi, konke lokhu kuzama ukuzuza ngempumelelo okuthile okukhulu, kwenza uhlobo oluthile lwe—isikhumbuzo esikhulu egameni labo uqobo, into ethize enkulu.

79 UNimrode, ngesinye isikhathi wayefuna ukuzuza ngempumelelo indlela yokuya eZulwini ngaphandle kwanoma yikuphi ukubuyisana, ngakho wakha umbhoshongo omkhulu. Miningi imibhoshongo, kodwa Wazama ukwakha umbhoshongo omkhulu. Kwenzekani kuwo na? Wawa.

80 Kwalandela uNebukadinesari, wakha umuzi omkhulu. Wacabanga ukuthi angakha lezi zindonga ezinkulu, ezibiyelwe ngokubanzi ngokwanele ukuba angagijimisa umjaho wezinqola kuzo, namasango amakhulu ensimbi nezinto azakha. Faka umfula phakathi nendawo; umfanekiso weZulu. Izingadi ezishwibekayo esihlalweni sakhe sobukhosi ngasemfuleni ngqo, njengomfula—umfula i-Ewufrathe; nanjengomfula wokuPhila ensimini yase-Edene, nomfula wokuPhila eMbusweni kaNkulunkulu. Futhi kwenzekani na? Wawa, ngoba wawungakwazi ukuma.

81 Isizwe sakithi uqobo, njengesibambisene neNgilandi, sasihlala sinomona ngombutho wasko wasolwandle. Ngakho sazama ukwakha umkhumbi ngesinye isikhathi owawunga, owawungeke ucwile, obizwa nge*Titanic*. Kodwa waya phansi ngokufanayo nje! Futhi iculo, njengoba imbongi yabhala, "UNkulunkulu, ngesandla saKhe esinamandla, ukhombisa lo mhlaba ukuthi ngeke ume." Kunjalo.

82 I-France yakha lokho abakubiza ngokuthi uMugqa iSiegfried. Futhi babeka izibhamu zabo zonke phandle lapho, babuyela lapha, abesifazane, iwayini, noma yini enye, baphila esonweni. Futhi uma iJalimane ike yamashela kubo, bebezobadubula phansi ngqo, ngoba babenoMugqa iSiegfried eyakhiwe, iqiniswe ngokhonkolo. Kodwa kwenzekani na? AmaJalimane amasha ngemuva kwawo ngqo futhi abaqhumisa baphuma kuwo. Bekungeke kusebenze.

83 IJalimane yazama. Bazenzela uMugqa iMaginot, behlela phansi emhlabathini bajula kakhulu, uqiniswe ngokhonkolo nezinto. Enzani amaMelikana na? Athumela inguzunga, futhi abaqhumisa baphuma kuwo ngqo.

84 Umuntu uzama ukuzuza ngempumelelo okuthile, enze isibonakaliso somsebenzi wakhe uqobo, ezama ukwenza okuthile.

85 Amabandla namhlanje azama ukuthola amalungu amaningi kuwo, enze inhlangano yawo ibe nkulu ngokwedlulele. Esikhundleni sokwamukela izambulo zikaNkulunkulu, bayasuka futhi benze into yamahlelo ngakho. Yilokho okuyinkathazo, noma iyiphi inhlangano! Angiphikisani nabafowethu enhlanganweni. Ngiyabathanda abafowethu. Kodwa lapho inhlangano ibhala imibhalo yayo futhi iyisayine ngongqi; uma bebengayisayina ngokhefana, bekungalunga. Uma uthi, "Ngiyakukholwa *lokhu*, kanye nakho konke uNkulunkulu azokwenezela kithi." Amen, kuhle lokho. Kodwa uma uthi, "Siyakukholwa *lokhu*, futhi yilokhu-ke! Futhi ngeke, asifuni lutho olunye kukho," khona-ke ubeka uNkulunkulu ngaphandle kwesithombe lapho wenza lokho. Kunjalo.

86 O, ihlelo elikhulu! Bazamile ukufundisa abantu. Imfundo yinto enhle, kodwa ayisoze yathatha indawo yensindiso. Ngeke.

Uhlelo lukaNkulunkulu aluyona imfundo, impucuko; kodwa insindiso! Kodwa umuntu uzama ukwenza ibandla elikhulu.

87 Izwe lizamile ukwenza isizwe esikhulu, ngamabhomu nokunye nokunye. Benzeni na? Baze bazifaka endaweni enjalo baze bayesabana. Ukuthinta okukodwa! Akudingeki ibutho lonke, futhi. Izizwe ezincane, noma yikuphi, zingathinta futhi, ukuthi kuyini, umhlaba wonke ubungaqhunyiswa ngomzuzwana. Awudingeki ube nesizwe esikhulu njengeRashiya. Ngani, indawo encanyanyana, isiqhingi ndawana thize, ingenza umsebenzi ofanayo. Futhi bamile lapho, izigxobo zerada, imicibisholo emikhulu ngezinkulungwane ihlezi ilungele, ngezikhali ze-athomu neze-hayidrojini ezingandizela phakathi. IRashiya ibingathinta ingcipho eyodwa kulentambama, futhi yonke le-United States iyocwila ngaphansi komhlaba. Futhi i-United States ingathinta ingcipho eyodwa futhi icwilise iRashiya ngaphansi komhlaba. Kunjalo!

88 Ngiyizwile indoda, ososayensi abasensimini, besaba kakhulu baphuma befuna uNkulunkulu, futhi bathola uMoya oNgcwele. Abazi ukuthi benzeni! O, ngiyakutshela, awukwazi ukumba phansi ukuze ubaleke kukho.

89 Sinendawo yokukhosela, nokho. Ayenziwe ngensimbi. Yenziwe ngezimpaphe; ngaphansi kwamaphiko aKhe lapho siphumula khona, silindile. Lapho ibhomu lindiza, ungakhathazeki ngalokho. Sizobe sindiza, nathi, phezulu ngqo ukuMhlangabeza emoyeni; sihlwithiwe ukuba siMhlangabeza, ngomzuzwana, ngokuphazima kweso. Ngakho, niyazibona izinto ezinkulu kakhulu ezesabisayo, enye kwenye.

90 Sekufike endaweni lapho esazama khona ukwakha ibandla elikhulu. Manje, niyazi ukuthi ngagcotshwa ebandleni leMissionary Baptisti. Futhi abantu beBaptisti, ngo 1944, benza isiqubulo esithi, "Sifuna isigidi ngaphezulu ngo '44." Ngaya embuthaneni lapho ababenawo khona, umbuthano kaSonto sikole, futhi kwadingeka balikhiphe ibandla ukuze abefundisi baphumele ngaphandle bayobhema. Kunjalo. Bese kuthi-ke abesifazane behlezi phakathi lapho, benqunu ingxenye, nezinto ezinjalo, ngoba nje into kuphela ababefanele bayenze kwakuwukubhala igama labo encwadini. Nginezinhlonipho ezinkulu ngeBaptisti, iPresbyterian, nanoma yini ebiza iGama likaJesu Kristu. Kodwa, engikushoyo, sifanele sibuyele endleleni kaNkulunkulu yokukwenza. Hhayi kakhulu kakhulu siyazama . . . Bafuna . . .

91 AmaBaptisti afuna ukuba yiqembu elikhulu kunawo wonke. IPresbyterian ifuna ukuba yiqembu elikhulu kunawo wonke. IPentecostal, i-Oneness, ifuna ukuba yiqembu elikhulu kunawo wonke. I-Assemblies ifuna ukuba yiqembu elikhulu kunawo wonke. Bonke abanye bafuna ukuba yiqembu elikhulu kunawo wonke. Ake sikususe lokho ekhanda

lethu! Linye kuphela iQembu, futhi lelo ngabangcwele bakaNkulunkulu ophilayo abagezwe ngeGazi, owamiselwa ngaphambili selokhu kwasekelwa umhlaba. Futhi akukhombewu, angikhathali ukuthi iyini, uma ingamiliswanga, ngeke iqhamuke. Angikhathali ukuthi ujoyina kangaki ibandla, ukuthi ukhonza kumahlelo amangaki; ngaphandle uma leyompilo yakho imiliswa nguMoya oNgcwele, awusoze wangena oHlwithweni, awusoze wavuka kuleyondawo oya kuyo ngaphansi kwethuna. Kunjalo.

92 Ya, ibandla elikhulu, amahlelo amakhulu, yonke into inkulu. Awu, ibihlale yenzani na? Konke umuntu abeka izandla zakhe kukho kwehlulekile. (Manje ngiqala ukuzizwa ngikholwa.) Ngani na? Uyisehluleki kwasekuqaleni. Futhi konke azame ukukuzuza ngempumelelo kuhlulekile.

93 Sinosuku lwemithi emikhulu kunayo yonke esake saba nayo, kodwa nokho ibulala cishe abaningi ngangebelaphayo. Kunjalo. Silutholile usuku lwa—lwakho konke, kubonakala kukukhulu ngokwedlulele. Kodwa bukani ukuthi lenzani, likhipha ukuphila kubantu. Ngema e-Afrika futhi ngabuka omiyane bakamalaleveva, kwezinqwaba nje, emlenzeni wowomdabu, babengamlimazi; makuthi owodwa ungithinte, ngiyogcwala zonke izinhlobo ze—zezinto abazijova ezingalweni zami ukuwelela lapho, ngiyothola umalaleveva lapho umuntu edlula eduze kwami. Niyabo, kudiliza uhlelo. Kungase kusize *lapha* lapho kuvimbela *lapha*. Kusenza sibe buthaka ngaso sonke isikhathi.

94 Futhi bukani esinakho namhlanje, isigejane se... Ngiyakuzonda ukusho lokhu, lokhu kuzwakala kuwukuthuka okungcwele; kodwa cishe impela isigejane zezilima ezifundile. Kunjalo. Ngithi, njengesithunywa senkolo, kungcono kakhulu uku—ukubhekana nomhedeni ongafundile kunokubhekana nomhedeni ofundile. U*mhedeni* u "ngongakholwayo." Kunjalo impela. O, kuyinto embi kabi yalolusuku esiphila kulo, imbi kabi kanjani!

95 Manje qaphelani futhi, okukhulu, zonke lezizinto. UHitler wazama ukwenza uhlanga olukhulu. UFaro wazama ukwenza uhlanga olukhulu. Ngema eGibhithe, ukuzama ukubona i—izihlalo zobukhosi lapho uFaro ahlala khona. Ungamba amafidi angamashumi amabili ngaphansi komhlaba ukuze uthole izihlalo zabo zobukhosi. Ngike ngama eRoma lapho oKhesari, kuyikho konke...Ngeke wakwazi ngisho nokuyithola indawo ngaphandle kokuthi umbe le phansi, izindonga ezicwilile nokunye nokunye, lapho oKhesari ayekhona. Kungani na? Kukhombisa ukuthi noma yini eyenziwa umuntu iyonakala. Kuyini konke na? Zonke lezo zinto ziwele emlandweni nasothulini.

96 Yini eyenza indoda ifune ukwenza lokho na? Yini eyenza lokho na? Kungoba kukhona okuthize emva kwakho, futhi uzama ukuthatha indlela yakhe esikhundleni sokuthatha indlela kaNkulunkulu yakho. Yingalesosizathu bezama ukwakha amahlelo amakhulu. Yingakho bezama ukwakha ezokuthutha ezinkulu, amadolobha amakhulu, nokunye nokunye, kungenxa yokuthi kukhona okuthile emuva lapho. Yilokho okwenza indoda ifune ukuqhubeka futhi idakwe. Kungani ikwenza na?

97 Kungani owesifazane efuna ukuzihhundula na? Lalelani, bodade. Lokhu sekuphenduke ikamu labanqunu, cishe impela. Ungawuvumeli lowo moya ukuba ufike phezu kwakho. Ngumoya. Ngikholwe, njengenceku kaKristu. Ngudeveli; kuqhelise kuwe. Khuleka iGazi likaKristu likuqhelise kuwe. Angikhathali ukuthi iliphi ibandla ongowalo, lokho akusho lutho kimi noma lutho kuNkulunkulu. Into okuyiyo, ukuthi, ingabe ulungile kuNkulunkulu na? Khona-ke konke, awudingi ukukhetha . . .

98 Ngihlala ezweni lapho benezihlahla zom-okhi, um-okhi obhashile. Futhi ngesikhathi sasentwasahlobo, isikhathi sasebusika sesidlulile, futhi kukhona wonke amahlamvu amadala afile elenga esihlahleni som-okhi. Manje sizowathola kanjani amaqabunga amasha na? Awudingi ukuphuma futhi ukhe iqabunga elidala. Vumela nje ukuphila okusha kungene, neqabunga elidala liyaqathaka.

99 Futhi kunjalo ngoKristu. Lapho uKristu engena, izwe liyaqathaka, ngokuzenzakalelayo. Lapho abantu bethi bazelwe nguMoya kaNkulunkulu, futhi besathanda izinto zezwe, iBhayibheli lathi, "Uma uthanda izwe noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe." Singazenza kanjani lezo zinto na?

100 Sizama ukwakha izinto ezinkulu. Manje, konke kubolile, konke kuluthuli, konke kuzobuyela othulini. Ngakho, umuntu ufisa ukubona isibonakaliso esikhulu.

101 Futhi uNkulunkulu wathi, ngesinye isikhathi, "Ngizobanika isibonakaliso esikhulu. Ngizobanika labobantu isibonakaliso esikhulu."

102 AmaJuda afuna izibonakaliso. Wonke umuntu ufuna izibonakaliso. Futhi bafuna izibonakaliso. Izwe namuhla lifuna izibonakaliso. Bazama ukwenza ezabo izibonakaliso. Kodwa uNkulunkulu ubanike isibonakaliso! Kunjalo. Umbani omazombezombe ngobusuku obumnyama, obunesiphepho, ubonisa ukuthi kungaba khona ukukhanya ngesikhathi sobumnyama. Kunjalo.

103 UNkulunkulu wathi, "Ngizobanika isibonakaliso: intombi iyokhulelwa!" Wakwenza ngokuzithoba kanjani! Lesi isibonakaliso esikhulu. "Intombi iyakukhulelwa, izale indodana,

neGama laYo liyakuthiwa u-*Emanuweli*, 'UNkulunkulu unathi.'" Naso isibonakaliso esikhulu!

104 Bekufanele kumangaze kanjani, ukuthi uNkulunkulu qobo lwaKhe ubeyoba yingane! Yeka ukuthi uNkulunkulu walithanda kangaka izwe! Lowo ngomunye wemiBhalo emikhulu kakhulu okhona, kanjani ukuthi, "Uthando lukaNkulunkulu lalithanda kangaka izwe, waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa; yilowo nalowo okholwa kuYo angabhubhi, kodwa abe nokuPhila okuPhakade." Lona kanye uthuli Aludala emhlabeni, Waba yilolothuli. Yeka ukuthi bekufanele kumangaze kanjani! UNkulunkulu, u-Emanuweli, eguqula indawo yaKhe ayidlalayo kusuka kuNkulunkulu kuya kuMuntu, elula itende laKhe ezinkanyezini zeZulu, ukuze aphile lapha emhlabeni nezidalwa ezingcolile njengathi. Uthando lukaNkulunkulu, ukuthi Wayezokwenza kanjani!

105 Yeka ukuthi bekufanele kumangaze kanjani kwisoni, ukwazi lowoJehova omncane ekhala ezingalweni zikamama, uJehova omncane, angezi ngokukhazimula kweNgelosi. Ufika njengeNzalo ka-Abrahama. Ufika njengomuntu. Akazange ehle ngemipheme yegolide yaseZulwini. Uma bekungenzeka, bekungaba ngokwabacebile. Kodwa Wazalelwa emkhombeni, empofu kakhulu Waze waboleka isibeletho ukuba azalelwe kuso. Futhi ngenkathi Ehamba, Wadingeka aboleke ithuna ukuba angcwatshwe kulo. UJehova, u-Emanuweli, isibonakaliso esikhulu! Amen.

106 UNkulunkulu wathumela abaprofethi, Wathumela izibonakaliso, Wathumela konke. Kodwa wathi, "Ngizokunika isibonakaliso esikhulu manje, isibonakaliso esikhulu; Mina, Mina uqobo, Ngehla ukwakha phakathi kwenu, ngibizwe ngo 'Emanuweli.'" Bekufanele kumangaze abantu; Yena uqobo enziwe inyama futhi wakha phakathi kwethu! Wazalelwa esitebeleni esingcolile, esinukayo; uJehova omncane, engalele kubhasikidi obomvana egumbini lasesibhedlela, kodwa emkhombeni onukayo phezu kwenqumbi yomquba esibayeni. U-Emanuweli! UMdali wamaZulu nomhlaba, esembelekweni! Haleluya! UJehova omncane edlala njengenganyane, uJehova njengebhungu, uJehova njengombazi, bekufanele kumangaze! Kodwa, kufiphele kakhulu, umhlaba ukugeja ngamamayela ayisigidi.

107 Owesifazane esikhathini esingeside esedlule, ngangishumayela ngobuNkulunkulu beNkosi yethu uJesu Kristu, futhi wathi, "Mnu. Branham, ngiyakuthakasela ukushumayela kwakho, kodwa" wathi "kunento eyodwa oyenzayo engingavumelani neze nawe."

108 Futhi ngathi, "Kuyini, dadewethu na? Uma kunento eyodwa nje, ngiyabonga ukuhlangana nawe," ngathi, "ngoba ngokuvamile kuba izinto eziyikhulu."

109 Futhi wathi, "Awu, kunento eyodwa evelele." Kusobala, wayengowebandla elingakholelwa ebuNkulunkulwini bukaKristu; njengoba nje ngibona namhlanje lapho behamba bayoMdudula abuyele emuva, futhi nje benze umprofethi ngaYe. O, he! Wathi, "Uqhosha kakhulu ngoJesu. UMenza onobuNkulunkulu."

Ngathi, "WayengonobuNkulunkulu!"

"Kungani," wathi, "Wa—Wayengeke abe ngonobuNkulunkulu."

Ngathi, "Awu, WayengonobuNkulunkulu."

110 Wathi, "Awu, Angeke abe. Ngizofakazisa kuwe ngeBhayibheli lakho uqobo ukuthi Akasuye onobuNkulunkulu."

Ngathi, "Ngingathanda ukukubona ukwenza."

111 Futhi wathi, "Kulungile, thatha iBhayibheli lakho bese uvula kuJohane oNgcwele, isahluko se 11."

112 Ngathi, "Kulungile. Ngiyazi nje ukuthi uzothini, ngoba ngikwazi ngenhliziyo ngempela."

113 Futhi wathi, "UJesu, endleleni yaKhe eyehlayo ukuyovusa uLazaru ethuneni, iBhayibheli lathi, 'Wakhala izinyembezi.'"

Awu, ngathi, "Impela."

114 Futhi wathi, "Awu, manje, Wayengaba kanjani ngonobuNkulunkulu, futhi akhale izinyembezi na?"

115 Ngathi, "Kwakuyingxenye engumuntu ikhala izinyembezi leyo. Kunjalo. Uyehluleka ukubona ukuthi Wayengu-Emanuweli. Wayeyikho kokubili umuntu kanye noNkulunkulu." Ngathi, "Wayengumuntu eya ethuneni, ekhala izinyembezi. Kodwa ngenkathi Ehlanganisa lawomahlombe amancane ndawonye wayesethi, 'Lazaru, phuma,' futhi umuntu owayesebe nezinsuku ezine efile, futhi enuka, waphuma waphinde waphila futhi, lokho kwathatha okungaphezu komuntu!" Kunjalo.

116 Wayengumuntu ngenkathi Ehla entabeni ngalobobusuku, elambile, ebuka esihlahleni ukuba athole okuthile okudliwayo. Kodwa ngenkathi Ethatha amabhisikidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi wondla izinkulungwane ezinhlanu, lokho kwakungaphezu komuntu. Lowo kwakunguMdali, uJehova! Kunjalo.

117 Wayengumuntu ngenkathi Elele kulowomkhumbi ngalobobusuku, namadimoni ayizinkulungwane ezilishumi olwandle afunga ukuthi ayoMminzisa. Ubhampa phandle lapho njengesivalo sebhodlela, lapho amagagasi ekhuphuka. Wayekhathele kakhulu ukushumayela waze Wangakwazi ngisho nokunyakaza, akuzange ngisho kuMvuse. Kodwa kwathi Esevusiwe, haleluya, waphuma wase ebeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo yomkhumbi, wase ebheka phezulu,

wayesethi, "Ukuthula, thula," lokho kwakungaphezu komuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu Owayengathulisa amagagasi olwandle.

118 Kwakuyindoda eyakhalela umusa esiphambanweni, "Nkulunkulu wami, uNgishiyeleni na?" Kodwa ekuseni ngePhasika ngenkathi Ephula izimpawu zokufa, isihogo, nethuna, futhi wavuka futhi wayesethi, "NginguYe owayefile, futhi ophilayo kuze kube phakade," lokho kwakungaphezu komuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu eNdodaneni yaKhe. Amen.

119 Wonke umuntu owake wafika egqumeni likabhontshisi, wakukholwa lokho; yonke imbongi eye yakhwela igquma . . . lokho kuxhuxhumise yonke inhliziyo, eke yenza noma yini.

120 U-Eddie Perronet, owabhala iculo lokugcotshwa. Amaculo akhe ayengadayisi. Ngolunye usuku uMoya wambamba, wathatha usiba esandleni sakhe, wabhala ngoMoya.

> Bayede mandla eGama likaJesu!
> IziNgelosi maziwe zilale phansi;
> Zilethe umqhele wobukhosi,
> Futhi ziMthwese umqhele uMbusi wakho konke. Amen

121 UFanny Crosby omdala oyimpumputhe, ngobunye ubusuku wabuzwa ukuthi kungani engawabhali amaculo ezwe. Wathi, "NgingumKristu." Yeka ukuthi uhluke kangakanani ku-Elvis Presley!

Bathi, ngani, indoda yahlekisa ngaye, yathi, "Ayikho into enjalo." Yathi, "Usho ukuthini, uma Engayikuvula amehlo akho na?"

Wathi, "UNkulunkulu ukhethe isabelo sami."

122 Futhi yathi, "Awu, uyoke wazi kanjani na? Uma ufa, futhi kukhona indawo enjalo, ungeke waMbona."

Wathi, "Ngizoba nokubona kwami ngaLeya." "Awu," yathi, "kuthiwani uma ungakutholi ukubona kwakho na?"

Wathi, "NgiyoMazi, noma kanjani."

Yathi, "Ucabanga ukuthi uyomazi kanjani na?"

123 Wathi, "Ngizozwa amanxeba ezipikili esandleni saKhe." Khona-ke waphenduka, futhi ukuphefumulelwa kwamshaya, futhi wacula:

> Ngiyakukwazi, yebo, ngiyakuMazi,
> Futhi ngihlengiwe ngiyoba eceleni kwaKhe;
> NgiyakuMazi ngamanxeba ezipikili esandleni saKhe.

He! Wabhala:

Mawungangedluli, O Msindisi omnene,
Yizwa ukukhala kokuzithoba kwami;
Lapho Ubabiza abanye,
Mawungangedluli.

Ngokuba, Wena unguMfudlana wenduduzo yonke yami,
Ungaphezu kokuphila kimi,
Ubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho na?
Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?

124 Impela, noma ubani owake wafika kunoma yini, wayeMkholwa ukuthi ungu-Emanuweli! Wayengaphezu komprofethi. Wayengumprofethi, kodwa WayenguNkulunkulu-Mprofethi; u-Emanuweli, uNkulunkulu enyameni.

125 Akazange afike ngesibingelelo saseZulwini. Akazange afike njengeNgelosi. Uza njengeNzalo ka-Abrahama, ukukhombisa isibonakaliso esikhulu sikaNkulunkulu sosuku lokugcina. O, yebo, ukwenza iNzalo enkulu, uhlanga olukhulu, uhlanga olwaluthenjisiwe, uhlanga luka-Abrahama, ukuveza iNzalo enkulu ebesikhuluma ngayo, uKristu omkhulu.

126 Benzani kuYe ngenkathi Efika emhlabeni na? Bahlekisa ngaYe. Babiza uMoya owawusebenza kuYe, lapho Ayekwazi ukwahlukanisa imimoya, kanjalo kanjalo, bathi, "Ngudeveli. UnguBelzebule, umbhuli." Futhi engxenyeni yenyama, ingxenye yomzimba, bayilengisa esihlahleni futhi baMbulala.

127 Kodwa Wayeyisibonakaliso esikhulu! Wavuka futhi ngosuku lwesithathu, ngokuba Wethemba iZwi likaNkulunkulu. UDavide wathi, ngaphansi kokuphefumulelwa, "Angiyikushiya umphefumulo waKhe esihogweni, futhi Ngeke ngivumele oNgcwele waMi abone ukubola." Ngakho-ke uJesu wazi ukuthi umBhalo wakhuluma ngaYe, ukuthi Wayengeke abone ukubola. Ukubola kuqala emahoreni angamashumi ayisikhombisa nambili, phezu kwesidumbu. Siyakwazi lokho. Futhi Wayazi, ngesinye isikhathi phakathi kwalokho, Wayeyovuka kwabafileyo. Futhi Wavuka kwabafileyo, ngokuba Wayeyisibonakaliso esikhulu. Abaprofethi babeyizibonakaliso, impela, kodwa bafa futhi bangena ethuneni. Kodwa uJesu wayeyisibonakaliso esikhulu, Waphuma ethuneni! Amen. Umjaho omkhulu! Yebo, mnumzane. UKristu omkhulu!

128 Emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili manje, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, nabo bonke abagxeki nakho konke okunye, Usafana nanamuhla! "Ngizokunikeza isibonakaliso esikhulu, isibonakaliso esihle." Abantu bafuna into ethile enkulu kakhulu, ngakho iBandla lathola okuthile okukhulu kakhulu. Hhayi nje ukuxhawula, hhayi nje u—umbhaphathizo oyiwo ngegama; kodwa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele! Hhayi nje ukuvuma izono kwangempela, namehlo

omile; kodwa uMoya kaKristu ophila kubo, beletha ukuphila kwabo endaweni ekhonza uKristu futhi baphile noKristu.

129 Manje, iBhayibheli lathi, izolo ebusuku lapho sigcine khona (u-Abrahama, watshela u-Abrahama) kuGenesise, isahluko sama 22, ivesi le 16 nele 17, Wathi, "Inzalo yakho iyakunqoba isango lesitha sayo. Inzalo yakho, u-Abrahama, iyonqoba isango lesitha."

130 Lapho uRebeka esekhethelwe indodana ka-Isaka, indodana, kwashiwo okufanayo nakuye. Ngenkathi u-Eliyeza, umfanekiso kaMoya oNgcwele oza ukuthola uMlobokazi, wamthola ekupholeni kwakusihlwa. Niyathola ukuthi kuyini na? Namuhla, usuku lokugcina, ingxenye yokugcina yosuku, lapho iziNkanyiso zakusihlwa zikhanya, Wamthola.

131 Futhi qaphelani, wayefanele abhekane nabantu ababili abehlukene. Wayenomndeni. Kodwa oyedwa kuphela u-Eliyeza okwakudingeka abhekane naye kwakungunina nomfowabo.

Kodwa wayelandela lowo mlobokazi. Ngakho, njengoba u-Abrahama emtshela, "Hambani, nizingele umlobokazi kubantu bakithi. Ungathathi omunye walaba abafokazi kube umlobokazi wakhe."

132 Futhi wathi, "Manje, kuthiwani uma owesifazane engeke eze nami na?"

133 Wathi, "Khona-ke uma engeke eze, khona-ke ukhululekile esifungweni sakho." Wayesebeka isandla sakhe enqulwini, wafunga ngaso.

134 Qaphelani, u-Eliyeza wamthola owesifazane, wayazi ukuthi kwakunguye. Futhi qaphelani, wayefanele abhekane nabantu ababili, unina nomfowabo. Ubaba, bonke abanye, wayengenalutho angalusho. Umama nomfowethu!

135 Kanjalo nesiThunywa, uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, ngalolu izinsuku zokugcina, ekhetha uMlobokazi. Kwakumele abhekane nebandla elizibiza ngu "mama," iKatolika; kanye no "mfowabo," umshumayeli. Kunjalo impela. Kwakumele abhekane nalabo bobabili. Yibo labo ababa nokuqophisana ngakho.

136 Kodwa manje wathi, "Ufanele wenze ukukhetha kwakho. Uzohamba na?"

137 Futhi bhekani, masinyane, kwathi nje lapho ezwa ngo-Isaka, ngaphambi kokuba aze ambone, wathi, "Ngizohamba!"

138 Kungani na? Wayeyisihlobo segazi kuye. Niyabo, lowo kwakungumntwana womfowabo ka-Abrahama. U-Isaka noRebeka babengabazala bokuqala, ukuhlobana ngegazi; okukhombisa ukuthi iBandla ezinsukwini zokugcina liyoba nokuhlobana kweGazi kuKristu. Ngokuba yena impela uNkulunkulu owamisela ngaphambili uKristu, O . . . wayeyiWundlu elahlatshwa ngaphambi kokusekelwa komhlaba,

iBandla qobo lwalo, igama lalo, lafakwa eNcwadini ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Futhi uRebeka, kwathi nje lapho ezwa ngo-Isaka, kwakukhona okuthile kuye okwamdonsela kuye ngqo, nakuba ayengakamboni noma lutho, wayesafuna ukuhamba ngokuthanda kwakhe kude nonina noma umfowabo.

139 Futhi namhlanje, uma lokho kuKhanya kukaNkulunkulu, lowoMoya oNgcwele, uke ushaye a—iNzalo eyamiselwa ngaphambili, ogama lakhe labhalwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe! IBhayibheli lisho lokho. Kunjalo. UkuKhanya kuzokhanya! Ungashumayeza abanye, futhi kubukeka sengathi kufana nje namanzi emhlane wedada, ayawa. Kodwa ake kushaye leyoNzalo, futhi nibhekisise ukuthi kwenzekani masinyane, kukhona okuthize khona manje! Ngani na? YiMbewu emiselwe ngaphambili ivela. Ifanele ifike. Futhi lapho lokho kuKhanya, iVangeli, likushaya, bayakuthola. Bonke abanye bayosukuma bahambe; akusikho okwabo. IBhayibheli lathi amadoda aye "miselwe ngaphambili ukulahlwa," INcwadi kaJuda. Yonke imiBhalo iphefumulelwe.

140 Manje, ngenkathi lokho kuKhanya kushaya uRebeka omncane, wayazi into ethize phakathi kwakhe, futhi lokho kwamletha ku-Isaka. Wamboza ubuso bakhe. Wayengasafuni ukuzihlanganisa nokucabanga okungokwakhe. U-Isaka wayengukucabanga kwakhe kusukela ngaleso sikhathi kuqhubeke. NeBandla qobo lwalo, lapho lishaya lawoMandla kaNkulunkulu, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ophuma emabandleni amahlelo, ophuma ebandleni eliKatolika, noma ngabe kukuphi! Lapho lowombhaphathizo kaMoya oNgcwele wenziwa ube ngokoqobo kubantu, labo abamiselwe ngaphambili (njengani bantu lapha) ekuPhileni okuPhakade, bayaKubona futhi bahambe kuKho. Kuyini na? Isibonakaliso esikhulu. Futhi, isitha, sinqoba isango lesitha!

141 Bukani inzalo ka-Abrahama yemvelo. UMose, wanqoba isango laseGibhithe, lowomuzi omkhulu. Wanqoba isango loLwandle oluBomvu lapho efika kulo. Wakwenza.

142 Bukani abantwana bamaHeberu, isitha kwakungumlilo. Banqoba isango lomlilo, ukuze lingabashisi.

143 Bhekani uDaniyeli emphandwini wezingonyama, inzalo ka-Abrahama, wanqoba isango lomlomo wengonyama. Wayengekwazi ukuvula umlomo walo. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu wehla kuleyoNsika yoMlilo, futhi wema lapho phakathi kukaDaniyeli nalezo zingonyama. Noma ubani uyazi ukuthi ingonyama iyawesaba umlilo. Futhi ubonile lokho kuKhanya kuzungeza lapho, naleyongonyama ayizange iye kuye. KwakuyiNgelosi yeNkosi. UDaniyeli wanqoba isango lomphandu wezingonyama. Ngani na? Wayeyinzalo ka-Abrahama.

144 Wonke lawa maqhawe amakhulu, besingathatha amahora kuwo. Nginamaningi awo alotshwe phansi lapha. Ngizokweqa, ngenxa yesikhathi. Ngokuba, bonke laba bafela ekukholweni, bonke behlela emhlabathini.

145 Kodwa nakho kufika iNzalo enkulu ngelinye ilanga, iNzalo yasebukhosini, futhi Yanqoba amasango okufa, isihogo, nethuna. Futhi Yaveza, emva kokuvuka kwaKhe, isibonakaliso esikhulu saPhakade, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo"! Namuhla, ngukuthi "isigidi ngaphezulu," yihlelo, yinhlangano. Kodwa uJesu wathi. "Lezi zibonakaliso ziyakubalandela," isibonakaliso esikhulu. UNkulunkulu wake washo noma yini, Angeke aphinde akubuyisele emuva.

Abanye abantu bathi, "Lokho nje kwakungokwabaphostoli kuphela."

146 Wathini uJesu na? "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo." Kude kangakanani na? Umhlaba wonke! Abangaki na? Zonke izidalwa! "Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; ongakholwa uyakulahlwa. Na," isihlanganiso, "lezizibonakaliso ziyakulandela abakholwayo." Emhlabeni wonke, nakuyo yonke indalo, sonke isidalwa!

147 Nginganibonisa lapho uNkulunkulu abeka khona iziphiwo namandla ebandleni. Ngifuna umuntu abeke umunwe wakho emBhalweni futhi angikhombise lapho Awukhipha khona, lapho Akubuyisela khona ekususa ebandleni. Yisibonakaliso esikhulu ekholweni, ukuthi sidlulile ekufeni sangena ekuPhileni, ngoba sizwa uMoya oNgcwele, futhi siWubone usebenza ezimpilweni zethu futhi usiguqula kulokho esasiyikho kuya kulokhu esiyikho manje. Amen. Wavuka kwabafileyo. Makabongwe uNkulunkulu!

148 Yenza iZwi libe likhulu osukwini lokugcina, Usaphila eNzalweni ka-Abrahama, nesibonakaliso esikhulu. Isibonakaliso Asithembisa u-Abrahama, iNzalo enkulu ezinsukwini zokugcina yayiyobona isibonakaliso esifanayo, senza into efanayo. Ngoba, uNkulunkulu wadingeka abulale uKristu, u-Emanuweli, ukuMvusa futhi, ukuthumela uMoya oNgcwele (OPhakade owayengenakufa) ukuba uphile eBandleni ukuveza lesosibonakaliso. Kuyo yonke isayense ephathelene nengqondo yethu, kubo bonke othisha bethu abakhulu, kubo bonke osiyazi bethu bezenkolo, akekho noyedwa ophilayo emhlabeni namhlanje ongakukhiqiza. Kuthatha uMoya oNgcwele, futhi Yena yedwa! Ngakho, u-Emanuweli, onguye izolo, namuhla, naphakade, UNkulunkulu waMvusa kwabafileyo, futhi Ulapha nathi emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye, ephila, isibonakaliso esikhulu!

149 Sinazo zonke izinhlobo zezibonakaliso. Sinezibonakaliso *lapha* nezibonakaliso *lapho*. Kodwa uNkulunkulu wanikeza

isibonakaliso esikhulu, u-Emanuweli, iNzalo ka-Abrahama yenziwa inyama yakha phakathi kwethu, iyafa, yavuka futhi; ukuze ahlenge iBandla, nokungcwelisa iBandla, ukuze Aphile eBandleni futhi aqhubeke eveza izibonakaliso ezinkulu kwabanye njengoba iminyaka ikhula, njengoba Ethembisa. Hhayi inhlangano enkulu; kodwa isibonakaliso esikhulu. O, ezelwe ngokuPhila kwaKhe impela, ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo kuphila kithi, kuveza isibonakaliso esifanayo Asenza eSodoma, ezansi lapho ngomprofethi u-Abrahama.

150 UNkulunkulu ubelokhu enika abaprofethi. UNkulunkulu unikeza abaprofethi. Futhi uma Ethumela abaprofethi kubantu, ngokuvamile kuyisibonakaliso sokwahlulelwa okulandelayo. Benikwazi lokho na? Lapho kuthunyelwa abaprofethi emhlabeni. Manje ngifuna ukuthatha okuthize kanye nani umzuzwana nje, ngaphambi kokuba siye emgqeni womkhuleko, imizuzu embalwa elandelayo.

151 Ngenkathi uNkulunkulu ethumela uNowa onyakeni wobuhlakani, umlayezo ongasile kubo, ngoba awuzange uhlangabezane nesimo sabo sangalolosuku. Kodwa uNkulunkulu wathumela uNowa njengomprofethi, eprofetha ukuthi ukuphela kwase kuseduze. Futhi uNkulunkulu wamvumela ukuba aphile ukuze akubone kwenzeka.

152 Ngenkathi uNkulunkulu ethumela, ekhipha u-Israyeli eGibhithe, Wathumela uMose, umprofethi, ukuba aprofethe onyakeni wesayense waseGibhithe. Umprofethi, isibonakaliso sokwahlulelwa okuzayo.

UDaniyeli wayeyisibonakaliso eBabiloni.

Futhi uJohane wayeyisibonakaliso kumaJuda.

153 Manje kukhona isibonakaliso esikhulu, sikaMoya oNgcwele. Siyazi, sazi ngokuphelele ukuthi uKristu usaphila futhi uyabusa. UngoMkhulu.

154 Ukhuluma ngendoda enkulu na? Udeveli unokuthile okukopela yona kanye into eyenziwe nguNkulunkulu. Konke udeveli anakho, wakwenza ngokuthize okwasekuqaleni. Udeveli akakwazi ukudala. Manje niyakwazi lokho. Uma udeveli engumdali, khona-ke sinabadali ababili. Udeveli akakwazi ukudala. Uphendukezela okudaliwe. Manje bhekani, njenge—a. . . Kuyini ukuphinga na? Ukuphinga kuyisenzo esifanele esiphendukezelwe. Ayini amanga na? Iqiniso liphendukezelwe. Siyini isono na? Ukungalungi. Ukulunga kuphendukezelwe. Futhi noma yini udeveli anayo iyinto ephendukezelwe kulokho uNkulunkulu akwenza ekuqaleni. Yingalesosizathu ukuthi babeyokwenza, babiza uJesu "uBelezebule." Lowodeveli omdala obhulayo phandle lapho, lowo kwakungumoya ophendukezelwe kumprofethi. Niyabo?

155 Futhi lokho kuyinto efanayo namuhla. Abakuqondi. Kodwa uma bebeyofunda iBhayibheli, iBhayibheli lathi kwakuyisibonakaliso esikhulu.

156 Buka leso sigejane sabadobi abancane abayikhulu namashumi amabili abangazi lutho, nokunye nokunye, owangena ekamelweni eliphezulu ngoSuku lwePhentekoste. Baphuma nesibonakaliso esikhulu. Kwakukhona abantu ababemi lapho bazo zonke izizwe ngaphansi kweZulu. Futhi babelapha, babengalwazi ngisho nolwimi lwabo, futhi bekhuluma ngolwimi lwazo zonke izizwe eziphansi kweZulu. Isibonakaliso esikhulu! O, he, besingaqhubeka futhi siqhubeke futhi siqhubeke! Isibonakaliso esikhulu, Uyisibonakaliso esikhulu.

157 Uyisibonakaliso sokugcina. Futhi, khumbulani, isibonakaliso esikhulu ngesikhathi sika-Abrahama sasiyini na? Ngenkathi uNkulunkulu eZibonakalisa enyameni, futhi kanjalo wakhombisa lokhu kubonakaliswa okukhulu kokwazi ukuthi uSara wayethini ethendeni. Isibonakaliso sokugcina u-Israyeli asithola ngaphambi kokwenqatshwa kwakhe, futhi wabiza uJesu ngo “Belizebule,” kwakungesikhathi uJesu ebona umcabango wabo owawusezinhliziyweni zabo. UJesu wathi lesisizukulwane sasiyothola into efanayo! Okokugcina lokho! Kuyini na? Lowo kwakunguNkulunkulu eno-Abrahama; lowo kwakunguNkulunkulu kuKristu. UNkulunkulu no-Abrahama; UNkulunkulu kuKristu, u-Emanuweli. Futhi namhlanje nguNkulunkulu eBandleni laKhe, isibonakaliso esikhulu sokuthi uNkulunkulu usaphila. Niyakukholwa na? Ungalinge usuke kuso. Hlala naso. Ngamahota okuvala. Ngamahora okuvala omlando womhlaba.

158 Manje sekuleyithi kancane kunalokho ebengikucabanga, sekuyikota lishayile elesine, ngakho ngifanele ngime, futhi ngiqale ngikhulekele abagulayo.

159 Isibonakaliso esikhulu! “Ngiyakubanika isibonakaliso esingunaphakade. Ngizobanika isibonakaliso ukuthi abakwazi ukusibhubhisa.” Futhi bangeke, ngokuba, uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Kungakhathaleki ukuthi uzama ukwenzani kuso, awusoze wakwazi ukusibhubhisa. Okuwukuphela kwento ongazihlanganisa nakho ukusikholwa.

160 Futhi manje kulo lonke leliviki, nina bantu abathandekayo, ngizoba u—umzenzisi olusizi ukuma lapha phambi kwabantu othanda uNkulunkulu futhi azame ukubatshela noma yini eyiphutha; ngizoba umkhohlisi; angifanele ngime ngemva kwedeski; angifanele ngibe phakathi kwalaba befundisi abahle; Angifanele ngibe kanye nawe; ngifanele ngiphume nazo zonke izoni na—nabazenzisi. Kodwa ngenxa yokuthi ngiyakukholwa lokhu, noNkulunkulu ukhethe ukuthi lokhu kuvele ngezinsuku

zokugcina, futhi wakufakazisa ngeBhayibheli laKhe, yingakho ngilapha.

161 Angizile lapho ngokokuthandwa ngabantu. Uma bengingathanda, bengiyoba nezinhlelo zomsakazo netelevishini, ngibe nakho konke lokhu kukumabonakude nakho konke. Babefanele bancenge abantu imali yabo, nezinto ezinjalo; angizifuni lezo zinto. Ngifuna umusa kuNkulunkulu wami, futhi yilokho kuphela. Ngifuna ukuba, lapho uma Engithumela lapho kunabantu abahlanu kuphela ebandleni, futhi uthi, "Hlala lapho izinyanga eziyisithupha," Ngizohlala khona lapho. Akukho okuzongibopha. Kunjalo. Uma Engithumela phesheya kwezilwandle kubantu abayizigidi eziyikhulu, ngizobe ngilapho ngqo. Ngandlela thize Uyokunakekela, Ubehlala njalo futhi Uzokwenza.

162 Kodwa ukwethembeka nokuba qotho, futhi ngiyanitshela, bangane bami, ukuthi uKristu uyaphila namuhla. Akafile. Futhi Uyisibonakaliso saphakade, njengoba sikulethe ngo-Abrahama manje, ngezinsuku zikaJesu, futhi kukhuphuke ngqo kufike lapha, ukuthi kuyinto yokugcina okufanele inikezwe ibandla.

163 Ake ngenze isibikezelo. Angiprofethi. Ngiyabikezela. Ngibikezela ukuthi eminyakeni embalwa ezayo ukuthi zonke izinkolo zenhlangano zizophoqeleka ukuba zithathe isinyathelo. Futhi bayoba nenyunyana yamabandla, nokuduba okukhulu kuzolandela lenyunyana yamabandla. Wonke amahlelo ayophoqwa kuyo; onke. Uma engakwenzi, kuzoba nokuduba okubi kabi. Cishe wonke impela namuhla aye (ngokungazi) ajoyina lowoMkhandlu wamaBandla oMhlaba, bethengisa ngobuzibulo babo; AmaProthestani, "abafowabo," ngekanye no "mama," iKatolika laseRoma. Bazokwenza lokho. Niyazi iBhayibheli lathi ukhula luyoboshwa, luhlanganiswe kuqala. Bahlanganisa onke eqenjini elilodwa elikhulu. IBhayibheli lathi bayokwenza umfanekiso kuso isilo. Ngikholwa ukuthi kuzokwenzeka, lokho maduze nje, ukuthi uma abantu bengajoyini inhlangano ethize, ibandla elithile, bangene, iminyango yabo iyovalwa.

164 Lesi sizwe besilokhu sifanisa u-Israyeli. U-Israyeli, siyathola, wangena kwelinye izwe, wathatha abahlali, wababulala ngokuceka, wabaxosha, wabadudula wadla umhlaba njengoba senza kumaNdiya. UNkulunkulu wabe-ke esebanika lelozwe. UNkulunkulu wasinika lelizwe. Qaphelani ukuthi kwenzekeni. Babenamadoda amakhulu ngalezozinsuku; uJoshuwa, inkosi; babenoDavide; babenoSolomoni; amadoda amakhulu. Kodwa ekugcineni kwasebenza baze bathola imbuka emsamo, u-Ahabi, ikholwa elisivivi. Kwakungeyena u-Ahabi kangako; kodwa kwakuyilowonkosikazi emva kwakhe, uJezebeli, wesinye isizwe, wesinye isigaba, hhayi umIsrayeli, wayengumhedeni, okhonza izithombe. Nguye owenza umsebenzi ongcolile, watshela u-Ahabi ukuthi enzeni. Futhi sisebenze

nxazonke ngendlela efanayo, futhi sibe noWashington, uLincoln, emva kokuba sesidudulele amaNdiya emuva futhi sathatha indawo yawo. Kodwa senzeni na? Ngepolitiki, sisebenze yona kanye into yokuthi size lapha ukuze sikhululeke kukho. Kunjalo impela. UJezebeli, uHerodiya, noJacqueline, bashada kabili ngaphambili, ehlala nomyeni wakhe wesithathu, behlala lapho manje. Futhi nokho abantu bayakufuna, bephuphuthekiswe emehlweni abo. Futhi nakho!

165 Bheka nje, sizovuna esikutshalayo! Usesekupheleni. Ngaprofetha ngo 1956 ngenkathi uBilly Graham ezobuya, futhi ngasho ukuthi uTommy Osborn uzobuya, futhi iMelika yayizothola ubizo lwayo lokugcina.

166 Eminyakeni embalwa edlule, Labikezela ncamashi uMugqa iMaginot, khona impela okwakuzokwenzeka, impela uKennedy wayezothatha indawo, futhi kulokhu, futhi kuzoba noMongameli oyiKatolika obusayo lapha, nokuthi kuyoba yini. Futhi kusele ezinye izinto ezimbili nje, ezintweni eziyisikhombisa Angitshele ukuba zenzeke ngokuphelele. Kunjalo. Kusephepheni elidala eliphuzi. Sisesikhathini sokuphela.

167 Khumbula, mfowethu, ngezinsuku zalelozwe emuva lapho kwa-Israyeli, ngenkathi enze iphutha, UNkulunkulu wayenothile owayezosukuma, ogama lingu-Eliya. Wayengacatshangwa kangako. Asinawo umlando wempilo yakhe, asazi ukuthi wavelaphi. Into kuphela esiyaziyo, waya eZulwini ngenqola. Wayethi ukuba ngumuntu othanda amahlathi. Wayebazonda abesifazane abaziphethe kabi, futhi akazange ahluleke ukutshela lowoJezebeli lokho ayekwenzile.

168 Khona-ke ngaphambi kokufika kweNkosi uJesu, kwakukhona omunye owafika egcotshwe ngomoya wakhe, othiwa uJohane, naye ongumhlali-mahlathini. Futhi wayebazonda abesifazane abaziphatha kabi. Akazange ahluleke ukutshela uHerode ukuthi kwakungalungile ngaye ukuhlala nomkamfowabo uFiliphu. Futhi uHerodiya wanquma ikhanda lakhe. Kulungile.

169 Kubikezelwe futhi, uMalaki 4, ukuthi kuzobuya futhi. Kuyoba khona iNzalo enkulu evukayo. Kufanele kube khona okusukumayo okunomgogodla nobuqotho bobuKristu, impela, lokho kuzothatha lenkolo kaJezabele edudulelwe ngisho emaqenjini ethu ePentecostal, omunye uzoma noMoya womKristu nomlilo, noMoya oNgcwele emva kwawo, ukufakazisa ukuthi Uqinisile. Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa! Futhi Uyobuyisela ukuKholwa kwabantwana kubuyele kobaba bephentekoste, babe kude nezimfundiso-ze nezivumokholo zabo. Kufanele kufike, futhi kuzofika! EGameni leNkosi, kuyofika!

170 Lokhu okuncane, okubuthakathaka, okungabalulekile, okubizwa ngokuthi ukuzuza ngempumelelo komuntu; bavumele abantu bazedlulele, futhi badlale amakhadi, futhi bashade kane noma kahlanu, futhi babe amadikoni emabandleni, nezinto ezinjalo, kuyihlazo elibolile ebusweni bukaNkulunkulu, bese-ke niyibiza ngenkolo kaKristu; abashumayeli, owesilisa, abesifazane, ukugeza okuxubile, phandle emigwaqweni begqoke izikhindi, bebhema osikilidi! Ngani, umgogodla wesizwe wephukile lapho abesifazane beziphatha kanjalo. Owesifazane ungumgogodla wesizwe. Akuyona inyoni irobini echoboza i-apula elililimazayo, isibungu esisemnyombweni. Angiwesabi amabhomu e-athomu aseRashiya. Qhabo, impela. Ngani, ukubola kwethu uqobo yilokho okusibulalayo. Kubolile kuze kuyofika emnyombweni, ngokuziphatha okubi. Kunjalo.

171 Futhi nina bantu, ngifanele ngikusho lokhu, ungalinge uvumele noma ubani ukuthi akuhlohle okuthile emhlane wakho mayelana nobukhomanisi. Ubukhomanisi abuyilutho. Kumane kuyithuluzi nje ezandleni zikaNkulunkulu. Ngifuna noma yimuphi umfundi weBhayibheli, noma yimuphi umprofethi, ukuba ame futhi angibonise lapho iBhayibheli lake lasho khona ukuthi ubukhomanisi buyobusa. Akubona ubukhomanisi obuzobusa.

172 UbuRoma obuzobusa, ngokweBhayibheli. Ake ngisho lokhu, sengivala. Kunamakhethini amathathu amakhulu namuhla. Elinye lawo ikhethini lensimbi. Elinye ikhethini loqalo. Nelinye liyikhethini elibukhwebezane; bhekisisa leyo, yilelo elizobusa.

173 O, awuboni yonke into ebheke kukho na? Ibandla lithola . . . "Ngaphandle uma kufike ukuhlubuka, umuntu wesono akakwazi ukuziveza." Amakhomanisi, ukuba sivivi kwebandla, okungabalulekile ukuhambahamba. Nkulunkulu, yiba nesihawu! Wathi, ngalolosuku Uyothumela isibonakaliso esikhulu phakathi kwabo, Uyobiza abantu ngenxa yamaGama aKhe. Uyokwenza!

174 Eminyakeni engamashumi amathathu nanye edlule nganikela impilo yami, futhi ngafa, uWilliam Branham omdala, futhi ngizinikela (inkonzo) ukuze ngihloniphe futhi ngisuse u—ukungcola kweGama likaJesu Kristu, futhi ngibuyisele iZwi likaNkulunkulu ebandleni. Ngineminyaka engamashumi amathathu nanye enkonzweni. Nkulunkulu, ngisize ngiphile ngibone usuku lapho ngikwazi ukubona khona izinhliziyo zamaKristu zishaya njengeyodwa, amen, nokungcola kwabesifazane nabesilisa, na—namabandla nezivumokholo zawo nezinto, kwawa, nebandla leqiniso elingonakalisiwe likaNkulunkulu ophilayo limi ebuhleni bukaKristu ukuze liMemukele lapho Efika.

Asikhothamise amakhanda ethu.

175 Baba waseZulwini, kungani kufanele ngisho okunjalo na? Sekusukile emahlombe ami manje, Nkosi. Kungukuthi, khona—kusezindlebeni zabantu. Ngi—ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi . . . Angicabangi ukuthi abantu bahlezi lapha, kodwa mabakuyise komunye umuntu. O, yiba nomusa, Baba Nkulunkulu.

176 Sikhulume kakhulu ngesibonakaliso esikhulu namuhla. Sikhuphule u-Abrahama, ukuze sibonise ukukholwa ayenakho. Makuthi amandla kaNkulunkulu manje, Nkosi, abuse ezimpilweni zabantu. Makuthi uMoya oNgcwele mawuze ngobumnene, kamnandi kulo lonke ikholwa, uwasingathe ezingalweni zaKhe, ubatshele, "Ungesabi, mncinyane, kusendleleni nje." Phambidlana nje, futhi uPhisi wobuciko odlula konke omkhulu uzofika, uKristu kaNkulunkulu, iSibonakaliso esikhulu esavuka kwabafileyo futhi siphila kuze kube phakade, sihlala phakathi kwethu ngesimo sikaMoya oNgcwele, sithi, "Ngalolosuku niyokwazi ukuthi Mina ngikuBaba, uBaba ukiMi; Mina kini, nani kiMi." Khona-ke uNkulunkulu kubantu baKhe, eZibonakalisa. Nkulunkulu, kwangathi kungabikho noyedwa lapha, kulentambama, obuthuntu ngokwenele ukugeja lokho. Kwangathi uMoya ungavusa izinto ziphile kubo.

177 Nanka amaduku ebekwe lapha ngabagulayo nabahluphekileyo. Ngiyacabanga, ukube leliduku belizoya kumfanyana wami na? Ukube beliya kumkami; noma ubaba wami omdala oyigugu, wayephila, beliya kuye; umama wami na? O, ngifuna umuntu-mumbe abe qotho. Futhi, Nkulunkulu, ngabo bonke ubuqotho engibaziyo ukuba nabo, ngi—ngi—ngiyacela, ukuphulukisa bonke, Nkulunkulu. Siphe khona. Siyafundiswa eBhayibhelini ukuthi bathatha kuPawulu, amaduku noma izindwangu. Manje siyaqonda ukuthi uPawulu akasaphili phakathi kwabantu abafayo; ungongafi. UPawulu akasekho. Kodwa uJesu ulokhu elapha, UnguNkulunkulu ofanayo. Futhi abantu ababenokukholwa kuPawulu, bazi ukuthi Wawusemzimbeni wakhe; ukuthi kwakunguWe, hhayi uPawulu. Wafa nsuku zonke ukuze Uphile kuye. Futhi manje, Baba, baqonda into efanayo, futhi yingakho beletha kithi amaduku nezindwangu. Uhlala unguNkulunkulu ofanayo. Baphe izibusiso ezifanayo, Baba. Ngikucela eGameni likaJesu.

178 Futhi manje, Nkosi, ngizokhulekela abantwana baKho abagulayo manje. Ngikhulekela ukuthi Uzongisiza. Kwangathi uMoya oNgcwele ungangigcoba kakhulu kulentambama, kungabi yimina kuphela, kodwa wonke umfundisi, wonke umuntu ophakathi lapha, ukuthi kungabibikho noyedwa umuntu obuthakathaka phakathi kwethu lapho inkonzo isiphelile. Siphe khona, Nkosi.

179 Manje amakhanda ethu ekhotheme. Ngaphambi kokuba sibize umugqa womkhuleko, ngiyazibuza ukuthi ngabe

ukhona yini lapha othi ukuguliswa yisono. Uye esontweni ngoba bekunensimbi enkulu kulo, ngoba umphathi-dolobha wedolobha ubengowalapho, noma udokotela othile odumile wezobuNkulunkulu. Akukho okubi engingakusho ngokumelene nalokho. UJesu akazange abalahle labo baFarisi; Wathi nje, "Uyimpumputhe, uhola impumputhe!" Wathi, "Uzungeza izilwandle ukwenza iproselite elilodwa; futhi lapho usulitholile, ulenza umntwana wesihogo ngokuphindwe kabili kunangenkathi eqala." Lokho kuthi akube njalo. Khumbulani, ufanele weqe iQiniso, ukuze wemukele iphutha. Kholwa yiZwi! "Oza kiMi, angisoze ngamlahlela ngaphandle."

180 Uzomemukela uKristu kulentambama, ngokuphakamisa isandla sakho nje, futhi uthi, "Mfowethu Branham, ngi—ngizokwenza, khona lapha esihlalweni sami. Ngeke ngikhuphukele e-altare lapho; mina, ngizoMkholwa khona lapha. Futhi kusukela kulolusuku kuqhubeke, ngethembisa ukuthi ngizokhonza uKristu. Ngizoya kwelinye lalamabandla futhi ngibhaphathizwe. Ngizofuna uze uMoya oNgcwele ugcwalise umzimba wami, ugcwalise umphefumulo wami, unginika ukuPhila okuPhakade. Ngizokholwa ukuthi lokho okufundisile bekuyiQiniso. Manje ngikhulekele nje, Mfowethu Branham, ukwenza isinqumo sami, ukuvumela leli kube yihora, khona ngqo esihlalweni sami ngizophakamisa isandla sami"? Bazoba bangaki na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Futhi uNkulunkulu akubusise. Kuhle lokho. Kulungile.

181 Angizukunibizela phezulu lapha. Khona ngqo nje enhliziyweni yakho, uthi, "Nkosi Jesu, ngi—ngiyakholwa ngokweqiniso khona manje." Kulungile, qhubeka nje ukholwa manje, "Ngiyakholwa ngokweqiniso, Nkosi Jesu." Omunye umuntu, kuvulandi osesitezi manje. Ngilinde umzuzwana nje.

182 Lokhu kungaphezu, kungaphezulu kokukhulekela abagulayo, bangane. UNkulunkulu akubusise, ngiyasibona isandla sakho emuva lapho, ndodana. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Ngokungangabazeki kodwa ukuthi indoda elungile kanjani eye yenza izinto eziningi ezinhle empilweni yayo; kodwa leyo yinto enkulu kunazo zonke owake wayenza, mfowethu.

183 Khumbula, njengoba nje uphakamise isandla sakho, ngobuqotho, ukuthi ngokushesha Wakuthatha. "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, uno" (inkathi yamanje) "ukuPhila okuphakade, futhi akasoze eze ekwahlulelweni." Awusoze wedlula ekuhlushweni, awusoze uze ekwahlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Kuhle kanjani!

184 Ungasiphakamisa isandla sakho, omunye umuntu na? UNkulunkulu akubusise, dadewethu omncane. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Futhi uNkulunkulu akubusise. Nobabili nina mantombazane,

noma umfana omncane, uNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu abusise lelinenekazi lapha. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Kuhlose manje, Uzokuyisa khona ngqo lapho okhona. Manje khumbula, ukubizela e-altare kuyamangalisa, kodwa eBhayibhelini abazange babe nokubizela e-altare; abantu bakholwa, "Kwanezelwa abaningi abakholwa ebandleni." Kholwa nje khona lapho okhona, ukuthi uyedlula khona manje usuka ekufeni uya ekuPhileni.

185 Kukhona omunye engimulindele kabi kabi. UNkulunkulu akubusise emuva lapho. Kuhle. UNkulunkulu akubusise. Kukhona—kukhona omunye, engimaziyo nje. Ngibheke phezu kwabo ngqo. Ngiyakubona. Wena uthi, "Uqonde lokho, Mfowethu Branham na?" Ngikuqondile. Awuzumemukela yini uKristu ekhuluma nawe manje, ethi, "Lesi yisikhathi. Leli yihora"? Ubulokhu ufuna. Ngeke umeMukele manje njengoMsindisi wakho na? "Khona lapha ngenza isinqumo sami. Ngitshela isikhathi sami. Khona manje ngiphakamisa izandla zami, futhi ngithi, 'Nkosi, manje ngifuna ukwedlula ngisuka ekufeni ngingene ekuPhileni. Ngifuna ukuba isidalwa esisha. Ngifuna ukuba nokuthile empilweni yami engikwaziyo ukuthi kunesibindi, kungilethe ngaphezu kweminako yezwe. Ngifuna ukwazi ukuthi ngiyaphila. Angikwazi ukuthatha ishansi. Ngingahle . . . Impilo yami ingahle ihlwithwe, ihlwithwe khona manje, ingahle ihambe nanamuhla, futhi kuyodingeka ngihlangane naWe.'" Kodwa uma ungenaso isiqiniseko ngakho, ungeke usiphakamise isandla sakho ngenkathi sisakhuleka na? Siphe khona, Nkulunkulu. Amen. Lokho kukahle, kuhle. Yilokho-ke. Yebo, ngiyajabula, dadewethu othandekayo, ukuthi ukuqondile lokho.

186 Baba wethu waseZulwini, konke kusesandleni saKho manje. Kulapho ukuKhanya kwakulenga khona; futhi Kuphumile manje, kuhambile. Ngenze konke engikwaziyo ukuthi kanjani, Baba. Futhi manje njengezindebe zalomhlangano, ngiKunika ngayinye yazo, Baba, izindebe zoMlayezo. Futhi kwangathi Wena . . . Ziyizipho zothando ezivela kuNkulunkulu, eziya eNdodaneni yaKhe, uJesu Kristu. "Futhi akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi; nakho konke uBaba aNgiphe khona, kuyakuza kiMi, futhi Ngiyakumvusa ngosuku lokugcina." Wakwethembisa, Kristu. Ngibafunela khona. Ngibafunela iZwi laKho. Ngimi lapha, njengomfundisi, u—u—umpristi phakathi kwabaphilayo nabafileyo, futhi manje ngenza lokho nje Okushilo, ngithatha Okushilo eZwini laKho. Wena wathi, uJohane oNgcwele 5:24, Nkosi, lapho okwakulotshwe khona, Wena wathi, "Ozwa amaZwi aMi akholwe ngoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade." Wakwethembisa, manje, futhi baphakamisa izandla zabo, ukuthi bakukholiwe futhi bakwemukela. Manje bangabaKho. Ngibanikela kuWe. Bahole, Baba, kulo lonke uhambo lwempilo.

Bese kuthi-ke, futhi ekugcineni ekupheleni, lapho kufika uHlwitho, kwangathi bangangena kuloloHlwitho. Ngingahle ngingalokothi ngibaxhawule lapha, kodwa, Nkosi, asihlalisane singomakhelwane komunye nomunye ngakwelinye icala. Siphe khona, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

187 Futhi uzizwa ukalabhekile, uMoya oNgcwele nje usenzela okuthize lapho sishumayela. KunoMuntu oyedwa engangihlala ngifuna ukufana naye, nalowo kwakunguJesu. Niyalazi iculo na? UMfowethu Davis walibhala.

> Emkhombeni waseBetlehema kwavela isiHambi,
> Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
> Konke ohambweni lwempilo ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
> Ngicela kuphela ukufana naYe.

Ake, sonke ndawonye manje, sizame ukulicula.

> Ukufana . . .
> . . . ukufana naYe;
> Konke kolwempilo . . . kusuka . . .

188 Asilihamishe nje, njengabantwana. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisa *Ukufana NaYe*—Umhl.] Lokho yisifiso sami. Ngenkathi ngisengumfanyana, ngafunda incwadi ka-Edgar Rice Burroughs ethi *Tarzan Of The Apes*, Ngasika indwangu yaphansi enoboya kamama, ukuze ngilingise uTarzan. Lapho ngifunda i*Lone Star Ranger*, ngangigibela ihhashi lokuzilibazisa yonke indawo engangiya kuyo. Kodwa ngolunye usuku ngacosha iBhayibheli, kusukela ngaleso sikhathi isifiso sami siwukufana naYe. Nkulunkulu, ngivumele; ake ukuPhila kwaKhe kugeleze kakhulu kimi. Mangizihlanze ngisuse, ngizisho ukuthi ngifile iminyaka engamashumi amathathu nanye manje, ukuze uJesu aZibonakalise. Indlela kuphela engazi ngayo Angakwenza, kungeZwi laKhe. Ukufana nje noJesu! O, yebo, ukufana—fana nje noJesu!

> Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
> Kulo lonke uhambo lwempilo . . .

189 Ngiyaguga manje. Ngifanele ngisuke enkundleni maduzane impela nje. Lokho kuseyisifiso sami, ukufana naYe nje.

190 Baba waseZulwini, njengoba leliculo elimnandi linikezwa indlela, "Ukufana nje noJesu." Ngingafa ngife ngokwanele na? Ngingazikhipha ngokwanele endleleni, ukungafaneleki. Akekho kithi ofanelekile, Nkosi, ukuba njengaWe. Kodwa, Wena wathi kuyoba njalo, khona-ke yisethembiso saKho. Sihlanze, Nkosi. Khipha konke ukungabaza. Sifuna ukufana noJesu. Izimpilo zethu, sifuna uMoya waKhe uphile kithi. Ubeyokwenzani Yena emi lapha ntambama, ngokuthengwa ngeGazi laKhe, emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka na? Nkulunkulu, siphe kube kanye futhi, Uzokwenza na? Siza lenhliziyo yami elambile

empofu, elambele uthando lobuzalwane, uthando lodade, ngesizotha nangenhlonipho, njengamaKristu, njengamadodana namadodakazi eNkosi. Besifanele sibe hlobo luni lomuntu na? Siphe khona ngeGama likaJesu, kanye futhi, Nkosi, ngiyacela.

191 Ukuba Ubemi lapha, Ubezokwenzani na? O, uma nje singazinikela thina. Wathembisa, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina," Uma nje bengingakwenza futhi lapho ngizokukhulekela, ukuze wazi ukuthi bekungemina. IZwi laKhe—laKhe lathi lapha, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda." Ake nje kube kanye futhi, uma Ezovele avumele uMoya waKhe ungene manje ngaphambi kokuba siqale lokhu.

192 Mina, bengishumayela ngokukhahla kanje, kunzima, kodwa ngikhulekeleni. Khulekani. Khulekani, "Nkosi, ngivumele—vumele ngithinte ingubo yaKho namuhla. Phenduka, Nkosi, inceku yaKho, uMfowethu Branham, mvumele akhulume kimi njengoba enzile. . . njengoba Wenza kowesifazane emthonjeni. Ngiyazi akusuye uMfowethu Branham. Kumele asuke endleleni. Kodwa uma nje Uzothatha umzimba wakhe futhi uwusebenzise, ngiyokwazi ukuthi NguWe, emva kwakho konke lokhu izinsuku ezinhlanu zokufundisa okunzima kukho, umBhalo ngomBhalo, nezithembiso. Ngizokukholwa." Ungakwenza na? Ngiyabonga.

193 Ngomusa waKhe nangosizo lwaYo, iNgelosi yeNkosi obona isithombe saYo emuva lapho, lapho ngiphinde ngihlangane nawe emfuleni noma ngapesheya nje ngaphambi kokuba sikhuphuke, khumbulani, Ayimile amafidi amabili ukusuka lapho engikhona khona manje. Futhi lelo yiqiniso impela. Futhi ngithatha wonke umoya phakathi lapha ngaphansi kokulawula kukaMoya oNgcwele, eGameni likaJesu Kristu. Nginicela ukuba nikholwe engikufundisile, ukuthi kuyiQiniso, uma kuyiZwi likaNkulunkulu. Uma kungesilo iZwi, ningakukholwa. Uma kuyiZwi, LiyiZwi, uNkulunkulu uzoqinisekisa iZwi laKhe.

194 Ngibe nje nokuncane—okuncane. . . Abantu phandle lapho, ukuze ugcobo lukwazi ukungena. Sizobiza wonke umuntu. UBilly uthi kunamakhadi omkhuleko angamakhulu amahlanu akhishiwe lapha. Ngizobakhulekela bonke, ngizokwenza. Ngifuna nibone ukuthi nguYe.

195 Inenekazi elincane eliyiKatolika lehlela lapha eSanta. . . Wonke lamagama abangcwele ngalapha, ngiyawaxova onke. Sasikuphi ekugcineni na? USanta Maria. Wenyukela lapho, futhi wayephethe ubuhlalu bakhe esandleni sakhe. Wathi, "Baba;" ngathi, "Mfowethu.'" Wathi, "Ngiyazi uNkulunkulu unawe. Uma nje uzobeka izandla zakho phezu kwami, ngizophila." Yilokho kuphela ayekudinga.

196 Ngicabanga ngalowo wesifazane omncane waseMexico ngalobobusuku ezansi lapho eMexico, naleyongane encane,

efile. Niyizwile indaba, yayikwele—leBusiness Men. Ngimi lapho, ngishumayela, ngizama ubusuku besibili. UBilly weza kimi, wathi, "Babayi, nginabangenisi abangaphezu kwamakhulu ayisithupha abami khona lapho. Abakwazi ukuvimba owesifazane omncane. Ingane yakhe ifile namhlanje ekuseni ngehora lesishiyagalolunye nqo, owesifazane omncane waseMexico." KwakuseMexico City. Futhi wathi . . . Lavele lana usuku lonke, futhi babemi khona lapho, izinkulungwane, bencikile, kungekho ndawo yokuhlala phansi; ukusukuma.

197 Nomfowethu ekhipha amakhadi, wayenensa kakhulu. Ngangimbiza ngo "mañana," eMexico kusho ukuthi "kusasa." Wayehlale eleyithi kakhulu. Uyeza, wangithola ngelesishiyagalolunye nqo. Futhi ngafika ngaleya.

198 Futhi uBilly wathi, "Lowo wesifazane unaleyongane efile laphaya, babayi. Nami . . . Asikwazi ukumbamba." Futhi wathi, "UMañana usewakhiphile wonke amakhadi." Wathi, "A—angikwazi ukumngenisa kulowomugqa womkhuleko ngaphandle kwekhadi, ngoba abanye babo bonke."

199 Ngathi, "Awu," ngathi, "Mfowethu Moore . . . " Bangaki abamaziyo uMfowethu Jack Moore na? Abaningi benu phezulu lapha. Ngathi, "Mfowethu Moore, hamba ukhulekele ingane. Futhi owesifazane ubengeke angazi, empeleni." Bangehlisa ngobonda, elateni, ukuya emsamo. Ngathi, "Ubengeke angazi mina," leso siyingi esikhulu.

200 UMfowethu Espinoza, uyamazi lapha oGwini lwaseNtshonalanga na? Mfowethu Espinoza, noma yimuphi kini niyamazi uMfowethu Espinoza, umMexico na? Ya, ngokuqinisekile. Ya. Wayemi khona lapho, engihumushela.

201 Futhi ngaqala. Ngathi, "Njengoba bengisho, 'Ukukholwa kuyiqiniso ngezinto . . . '" Ngase ngibuka, futhi emi phambi kwami ngqo kwakuyingane encane yaseMexico. Yayingenamazinyo. Kwakuhleka. Ngase ngiqalaza, futhi ngabona uMfowethu Moore eyokhulekela i—inenekazi. Wayegijima ngaphansi kwemilenze yalabo bangenisi, abacasule, agibele phezu kwamahlombe abo; lengane efile igoqwe ngengubo yokulala. Ngakho ngikubonile lokho, ngathi, "Awume kancane, Mfowethu Moore. Tshela abangenisi ukuba bahlakazeke bese bevumela lelinenekazi likhuphuke." Ngangingazi ukuthi kwakuyingane. Ngavele ngacabanga. Ngabeka isandla sami phezu kwengubo yokulala emanzi.

202 Wagijima wenyuka, kuqala, futhi wagxavuna obunye balobobuhlalu, wayeseqala ukumpongoloza, "Padre!" "Baba," niyazi.

Futhi ngathi, "Ungakwenzi lokho."

203 Ngakho ngavele ngakhulekela ingane, ngathi, "Nkosi Jesu, ngibone umbono wengane encane. Angazi noma yileyo." Ngathi,

"Ngibeka izandla zami phezu kwalengubo yokulala emanzi." Iqala ukukhahlela nokuklabalasa. Yaphila.

204 Ngathi, "Mfowethu Espinoza, kulandelele lokho. Unga—ungakusho kuze kube udokotela asayine isitatimende sokuthi ingane ifile."

205 Wakulandelela. Yafa ngalokho kusa ngelesishiyagalolunye nqo; futhi ngeleshumi nanye nqo ngalobobusuku, yaphila. Khona-ke kwaphuma amaphepha nakho konke.

206 Base-ke benginika ingxoxiswano, yebandla lamaKatolika, futhi bangibuza uma babecabanga ukuthi abangcwele babo bangenza into efanayo. Ngathi, "Uma bephila."

Wathi, "Awu, abanakuba ngongcwele baze bafe."

Ngathi, "Qhabo. Ngitholele lokho emBhalweni."

207 Ngakho, Usaphila. Usekhona lapha. Khuleka manje. Thinta nje umphetho wengubo yaKhe. Ake ngininike umBhalo manje. UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Onguye izolo, namuhla, naphakade. Ngisho ukuthi UngumPristi oMkhulu khona lapha. UngumPristi oMkhulu ongabonakali, angakwenzela kuphela noma akunxusele lapho uvuma ukuthi Ukwenzile. Niyabo? Manje Mthinte. Thinta noma ubani wethu, ngeke kwenze mehluko. Kodwa Mthinte futhi Uzosebenza ngoMoya waKhe. Niyabo? Ngiyakholwa ukuthi nginoMoya waKhe. Thinta futhi ubone ukuthi kulungile noma qhabo. Mthinte. Khuleka nje.

208 Kuvulandi osesitezi, abanye benu bantu abakuvulandi osesitezi ucabanga ukuthi nikude emuva kanjalo. Awukho ngaphandle kokufinyelela kuYe. Ukuyo yonke indawo, usezindaweni zonke. Uyakukholwa lokho na? Owazi konke. Niyakukholwa lokho na? Wazi konke, ohlala ekhona, umninimandla onke, onamandla onke, ongenasiphelo. Haleluya! Lowo nguNkulunkulu wami.

209 Nanti inenekazi eselikhulile lihlezi ekugcineni ngqo, kade likhuleka lapho imizuzu embalwa. Ngicabange ukuthi ngiLibonile limi ngakuye. Laba nenkathazo ngekhanda lalo. Uyakholwa. Kunjalo, phakamisa isandla sakho. Likushiyile manje. Ukukholwa kwakho kukuphulukisile.

210 Manje nifuna ukumbuza na? Bekuyini na? Akakaze angithinte. Bukani ukuthi ukude kangakanani nami. Kodwa Iso elibonile, lathi "Ngakubona ngenkathi ungaphansi komkhiwane," Usaphila nanamuhla. Lokho yisibonakaliso esikhulu. Usekhona lapha. Kholwa nje.

211 Kukhona inenekazi elihlezi emuva khona lapha. Likhala izinyembezi. Liyakhuleka. Lihlushwa yisisu esinokwethuka. Livele lakholwa ngayo yonke inhliziyo yalo, uNkulunkulu uzoliphulukisa. Ungakugeji, dadewethu. Nkk. Snowden, yiba nokukholwa. Ngiyakuzonda ukudingeka ukuba ngibize igama

lakhe. Siyizihambi komunye nomunye, angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Ngabe lokho bekuyizimo zakho, nokunye nokunye, konke kwashiwo na? Vayizelisa isandla sakho emuva naphambili uma lokho kunjalo. Uma siyizihambi omunye komunye, futhi ngingakwazi, vayizelisa izandla zakho futhi.

212 Manje, kuyini na? Ukufana nje neNkosi yethu uJesu, emhlabeni ngilangazelela nje ukufana naYe. Awufuni ukuba njalo na?

213 Umuntu othile *ngapha*. Kukhona owesifazane olokhu . . . O, sekulapha. Ikathazo yamehlo. Nkosazana Craig, angikwazi, kodwa uhlezi lapho umkhulekela. Uma siyizihambi, vayizelisa isandla sakho emuva naphambili, nga*le*ndlela, ukuze abantu babone.

Useduze noMbuso manje. Yiba nokukholwa nje, futhi ukholwe.

214 Inenekazi elincane elihlezi lapha, kumangalisa kakhulu kulo; linikine ikhanda lalo, liqalaza. Hhayi . . . Alizange likungabaze. Lowo okukholwayo. Futhi ngenxa yokuthi ukholiwe, bheka kimi futhi ukholwe yimi. Ukhulekela umfana. Kunjalo. Udaba lwengqondo. Uyakholwa na? Ungangabazi; uzofika ekhaya.

215 Inenekazi elingemva kwakhe impela, owesifazane osemusha ehlushwa yizinkathazo ezilakanyanayo, iqolo elibuthakathaka, ukwethuka. Nkk. Patchett. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, Nkk. Patchett. Ngiyisihambi kuwe, kodwa lokho kuyiqiniso. Uma lokho kuyiqiniso, vayizelisa isandla sakho. Sekukushiyile manje. Bekukhona ithunzi elimnyama phezu kwakho, futhi selihambile.

216 Kuthiwani ngesitezi esiphezulu na? Ingabe ukhona okholwayo na? Uyakukholwa, ukuthi Usenguye na?

217 Ngibona owesifazane, akaqondi ngisho nokuthi unalokho kukholwa. Wukukholwa okufihliwe. Akakuvumi ngisho nokukuvuma. Uhlushwa ubuhlungu bekhanda. Uhlezi lapha engibuka, khona phezulu lapha. Nkk. Singer. Kukumangazile, akuzange na? Ubuhlungu bekhanda lakho kuzokushiya manje. Manje tshela abagxeki bakho ukuthi bakuphendule lokho.

Uyangikholwa? Ake siphinde sicule kanye futhi kuYe.

Uku—ukufana noJesu, . . . Jesu.

218 Nkosi, leso yisifiso sami, ukuzithoba nje. Bukani lababantu, laba besifazane, lamadoda, abaningi babo kulentambama, ngaphesheya kwaloluhlu, futhi nxazonke, ukukholwa okufanayo nalowo wesifazane omncane ayenakho eminyakeni edlule, uJesu ofanayo ezimelela Yena uqobo, isibonakaliso esikhulu ezinsukwini zokugcina, njengoba kwakuyizinsuku zokugcina zika-Israyeli ngaleso sikhathi.

. . . cela ukufana naYe.

219 Wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.” Niyakukholwa lokho na? Bangaki kini abathanda abelusi benu na? Phakamisa isandla sakho. Impela, niyabathanda. Ngiyabathanda, nami. Bayindoda kaNkulunkulu. Ngiyazi ukuthi bayahlupheka, bona ngokwabo. Ngi—ngiyazi ukuthi bangabelusi. UNkulunkulu wazi konke ngakho. Niyabo, bazimisele ukuzinikela.

220 Ake nginibonise. Leyo ndoda iphakamise iduku layo ebusweni bayo ngaleso sikhathi nje, kade ihlushwa inkathazo ngekhala layo, iya emuva naphambili, iyaqhubeka. Kunjalo. Uyazazi zonke izinkathazo zakho. Akukho lutho ngaphandle kwalokho Akwaziyo.

221 Ngiphonsela inselelo ongakholwa! Uma ucabanga ukuthi akulungile, woza lapha futhi wenze into efanayo.

222 Ngiyazi ukuthi yini engalungile ngalowo wesifazane ohlezi lapho. Angikwazi ukumbiza; ngoba uma nje ebenokukholwa okuningi, leyo nqulu ibingalulama. E-hhe, e-hhe, e-hhe. Impela.

223 Lona wesifazane ohlezi kulesosihlalo lapho, lolohlaka. Ngiyayazi inkathazo yakhe, kodwa kusizani ukumbiza na? Niyabo, bengizosho lapho . . . Wena uthi, “Impela, bheka, ukhubazekile!” Kuthiwani ngalaba bantu abangabukeki bekhubazekile na? Naso isimangaliso.

224 Lowo wesifazane onesifo samathambo, elele lapho. Kuthatha ukukholwa. Kungani ungabazile, dade na? Kungani ungaqhubekanga nokukholwa na? Wake wakukholwa. Uvumela othile akhulume nawe. Manje uyazi ukuthi lokho kunjalo. Ngikhulekela ukuthi ukukholwa kwakho angeke kusahluleka.

225 Zama ukuzifihla khona manje, futhi ubone ukuthi ungakwazi yini ukukwenza. Ngingabiza abagxeki abathathu phakathi lapha, ngamagama abo, khona manje, futhi. Kodwa kuyolimaza imizwa ethile.

226 Kuphela, asidlali isonto. Lona nguNkulunkulu. Hhayi mina; Yena! UBukhona baKhe bulapha. Uyakukholwa na? Manje ngenkathi uMoya waKhe uselapha, ngigcobe, uma ukholwa ukuthi nguNkulunkulu, Ngifuna ukusukuma, lamakhadi omkhuleko, futhi nginikhulekele. Dlulani lapha, ani—anizi kimi. Uma uza kimi, uzolahlekelwa. Woza, lapho udlula lapha, sengathi uza ngaphansi kwesiphambano.

227 Ngizocela laba belusi abesaba uNkulunkulu ukuba bame lapha kanye nami. Ngizoma nabo eNkantolo yokwaHlulela. Bangase bangakwazi ukubona okufihlakeleyo; lokho kusanda kunikezwa, niyazi. Kodwa bangabantu bakaNkulunkulu, basindisiwe njengoba nami ngisindisiwe, babizelwe enkonzweni yabo. Kuneziphiwo ezinhlanu emzimbeni wokukhonzisa; kuqala, ngabaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, nabavangeli. Lokho ngukumiselwa nguNkulunkulu

ngaphambili. "UNkulunkulu ubekile ebandleni, iziphiwo!" Bazalwane, ningama nami na?

228 Makuthi leso sigaba, bonke abanamakhadi omkhuleko, bame bathi qekelele kwisikhala esiphakathi nezihlalo, basukume. Makuthi lesi sigaba esimaphakathi, esinamakhadi omkhuleko, sisukume. Makuthi isigaba sokuqala sihlangane ngalendlela.

229 Ingabe ikhona indlela yokubaletha na? Noma, sizokwehla ngaphambili na? [Omunye emsamo ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Manje, awu, angikwazi. Ngi—ngifuna beze. Mina . . . Asibone. Mhlawumbe kungcono sehlele lapho. Ungakwazi ukusetha le mayikrofoni phansi lapho na? Ngiyathanda ukwehla nabantu, empeleni. Ngiyabonga, mfowethu.

Ngiyayibona ingane yakho. Unesicelo sakho.

Wozani, bazalwane.

230 Kukhona umfana olele, ofayo manje. Kukhona lokho . . . ? . . .

Khuleka.

231 Baba osezulwini, hawukela leliqembu. Ungamvumeli lowo mfana afe. Londoloza ukuphila kwakhe. Siphe khona. Siyakubiza manje. Ungamvumeli afe ekulesosimo, Nkosi. Kwangathi isibusiso sikaJesu Kristu singamgcoba lapho. Siphe khona, Nkosi. Udonsa kanzima ngomphefumulo wakhe. Umusa kaNkulunkulu mawushanele phezu komfana. Kwangathi angasindiswa, aphulukiswe, futhi aphiliswe ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu, Baba. Thina iBandla likaNkulunkulu ophilayo siyakukholwa manje, futhi siyakwemukela eGameni likaJesu.

232 Kulungile, bazalwane. Ngizocela abazalwane bami ukuba bame ohlangothini ngalunye.

233 Bangaki kini bantu abakhathalele laba bantu abagulayo na? Phakamisa isandla sakho. Asikhulekelane.

234 Bazalwane, nonke yimani ngapha eduze kwami. Ngikubone kanjalo izolo ebusuku, uMoya oNgcwele uthe kwenze lokho. Khona kanye ngaphesheya kwemayikrofoni. Kunjalo lokho na?

235 Manje lezi. Futhi manje njengoba nina bantu niza, ngifuna bonke abanentshisekelo emkhulekweni manje. Awu, niyazi Ulapha. Bangaki abakukholwayo lokho ngenhliziyo yakho yonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, khumbulani, senivele niphulukisiwe, nonke, into kuphela okufanele niyenze manje ukukwamukela.

236 Njengoba nje uma uphenduka, bese ubhaphathizwa, iBhayibheli lathi uyokwemukela uMoya oNgcwele. Ncamashi nje. Uyaphenduka, ukholwe futhi ubhaphathizwe, uthola uMoya oNgcwele.

237 Ngimi lapha manje. Sekuvele kukhokheliwe. UKristu ulapha. Ukuphulukiswa kwakho kuqinisekile, kholwa nje lapho wedlula. Kukholweni, ukuthi leyoNgelosi kaNkulunkulu . . .

238 Ngicabange ukuthi ngizoma nokwahlukanisa ngokukamoya, ukuze ngibone ukuthi ngizofikaphi. Futhi cishe abayishumi nanhlanu noma amashumi amabili bayadlula, bazovele bangithwale ngiphume esakhiweni, futhi bavele bahambe nje . . .

239 Bangaki abaziyo ukuthi uJesu wathi, "Amandla, amandla okuqina, aphumile kiMi"? Leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu, niyabo.

240 Uyadlula nje manje. Abafana bayocosha ikhadi lakho lomkhuleko. Bese kuthi-ke uma *lesi* sigaba sesiphelile, bese kuba yi*leso* sigaba, bese kuba yi*leso* sigaba, bese uqala uvulandi osesitezi. Wonke umuntu uyadlula.

241 Manje ngizokutshela ukuthi yenzani. Manje lalelani, ngamunye wenu. Ngizonikela ngomkhuleko, khona manje, nabazalwane bami. Laba lapha amadoda kaNkulunkulu azobeka izandla zawo phezu kwakho, kanye nami. Futhi uma udlula lapha, kwemukele nje futhi uqhubeke ngqo. Ungalokothi ukholwe enye into.

242 Manje uyiNzalo ka-Abrahama. Konke lokho okuyiNzalo ka-Abrahama, yisho kanye nami: "NgiyiNzalo ka-Abrahama, ngiyasikholwa isithembiso sikaNkulunkulu, ngiyasemukela isithembiso sikaNkulunkulu." Manje khumbula, ukushilo, ukuvuma kwakho. Futhi into eyodwa okumele uyenze, ukuqaphela ukukwamukela manje, futhi niyakukwenza.

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

243 Baba wethu waseZulwini, izinkonzo ezinhlanu manje sezidlulile. Ngikushilo lokhu eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Makwenzeke, ukuthi wonke umuntu odlula kulaba befundisi, eBukhoneni beNkosi uJesu, sengathi bangakuzwa lokho kuthinta kukaNkulunkulu, bazi ukuthi Lowo owazi izimfihlo zenhliziyo, futhi owazi konke ngodaba lwabo, ukuze basindiswe. Sibeka izandla zethu phezu kwabo, Nkosi, njengamakholwa, sazi ukuthi Wakwethembisa. Nkulunkulu, kwangathi kungebebikho noyedwa oshiywe ngaphandle. Kwangathi ukukholwa kungabamba. Ngenkathi besuka kulendawo, besuka lapha, bebiza lokho kuphulukiswa, yenza bonke baphile, Baba.

244 Kulolu izinsuku zokugcina, phakathi kwabangane, ukuthi kudingeke nginqume kanjani, ngilimaze, kodwa kwenziwa ngothando. Manje hlonipha engikushilo ngokuphulukisa abagulayo, siphe khona.

245 Siphe inkonzo yabazalwane bami, Nkosi, lapho bebeka izandla zabo phezu kwabo. Nkosi, bame lapha phakathi

kwezingxabano, futhi bakhe ukukholwa. Siphe, Nkosi, ukuthi Uhloniphe ukukholwa kwethu kuWe. Lapho bedlula, kwangathi bangaphulukiswa, eGameni likaJesu. Amen.

EGameni leNkosi uJesu.

EGameni likaJesu Kristu.

EGameni likaJesu Kristu.

246 Ngabe bakhona abanye abelusi abakholwayo ngempela abazoza, bame kanye nathi na? Woza. Umenyiwe, futhi ugcotshiwe.

NgeGama likaJesu. Nkulunkulu, eGameni likaJesu.

Abanye benu befundisi nifuna ukwehla futhi nime kanye nathi.

NgeGama likaJesu. Amen.

Mfowethu omdala ompofu, woza lapha, oyigugu wami.

247 O Baba waseZulwini, ngibeka izandla zami phezu kwakhe, nangokukholwa. EGameni likaJesu, siphe khona.

Nkulunkulu, ngeGama likaJesu, siphe khona.

EGameni likaJesu Kristu.

EGameni leNkosi uJesu.

EGameni likaJesu Kristu.

EGameni leNkosi uJesu, siphe khona, Baba.

Manje hambani, nikholwa, wonke umuntu, eGameni likaJesu.

EGameni leNkosi uJesu, siphe khona.

Ukubekwa kwezandla, abazalwane bami lapha, eGameni likaJesu.

Siphe khona, O Nkulunkulu, ngeGama likaJesu Kristu.

248 Woza, mfowethu. Mkholwe manje ngayo yonke inhliziyo yakho. EGameni likaJesu Kristu, phulukiswa.

EGameni leNkosi uJesu Kristu.

249 EGameni leNkosi uJesu, ngibeka izandla zami phezu kukamama, kumntwana.

Woza, mfowethu. EGameni leNkosi uJesu.

Woza, dade . . .?. . .

EGameni likaJesu Kristu.

EGameni likaJesu Kristu.

EGameni likaJesu Kristu, ngiyakhuleka.

EGameni leNkosi uJesu.

Woza, mfowethu, eGameni likaJesu.

Mkholwe, dadewethu, manje, ngakho konke okukuwe.

EGameni likaJesu Kristu, siphe khona.

EGameni likaJesu Kristu.

EGameni likaJesu Kristu.

EGameni leNkosi uJesu.

250 [UMfowethu Branham uyaqhubeka ekhulekela abagulayo, amaningi amazwi akhe awaqondakali—Umhl.] . . .? . . .

251 Wonke umuntu emkhulekweni manje, khulekani, khulekelanani omunye nomunye. Nangu unkosikazi womunye umuntu, umama womunye umuntu, sibeka izandla zethu phezu kwakhe, eGameni leNkosi uJesu.

252 Uma uzwa iGama laKhe libizwa phezu kwakho, kholwa manje, ukuthi usulitholile.

253 Wonke umuntu ekhuleka, omunye nomunye, umkhuleko wokukholwa. "uNkulunkulu uyakubavusa." Uma usuphilile, dumisa uNkulunkulu, eGameni likaJesu.

EGameni leNkosi uJesu Kristu.

254 [UMfowethu Branham uyaqhubeka ekhulekela abagulayo, amaningi amazwi akhe awaqondakali—Umhl.] . . .? . . .

EGameni likaJesu Kristu.

255 Khulekani, wonke umuntu. Wonke umuntu esemkhulekweni. "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo." Wonke umuntu uyafika, ekhuleka, ehlala emgqeni.

256 Wonke umuntu, khuleka omunye nomunye manje, ngenkathi laba bantu besadlula, qhubekani nikhulekelane. Khumbula, lona ngumama womunye umuntu, ubaba womunye umuntu.

EGameni likaJesu Kristu.

257 Bonke, wonke umuntu onamakhadi omkhuleko manje, wozani ningene emgqeni.

258 EGameni likaJesu Kristu, ngibeka izandla kuwo wonke umuntu onamakhadi omkhuleko manje, elungele emgqeni.

Umkhuleko wokukholwa! Yiba nokukholwa, ulalele indlela yaKhe, ngokubeka izandla.

259 Qiniseka ukuthi unekhadi lakho selilungele. Yiba nalo *kanjalo*. Kuncike ekubekeni izandla phezu kwakho. "Bayosinda." Babeka izandla phezu kwakho. "Bayosinda." Lamadoda alandela iZwi nje. "Lapho bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda."

260 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kwangathi kungaphiwa yena, Nkosi, eGameni likaJesu Kristu.

261 Ngenhliziyo yami yonke, eGameni leNkosi uJesu, ngicela ukuphulukiswa kwakhe, eGameni likaJesu!

262 Ngenhliziyo yami yonke, Nkosi, eGameni likaJesu, ngicela ukuphulukiswa kwakhe. Konke okukimi, Nkosi, konke

okungaphakathi kwami, konke enginakho, eGameni leNkosi uJesu, ukuthi Unike lona wesifazane inhliziyo yakhe!

263 [UMfowethu Branham uyaqhubeka ekhulekela abagulayo, amaningi amazwi akhe awaqondakali—Umhl.] . . . ?. . .

264 Amen. NiyaMthanda na? Niyakholwa na? Ake sicule leli culo elidala manje:

Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa;
Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa;
Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa
Ukuthi uJesu uyangiphulukisa manje.

265 Manje ngizokutshela engifuna ukwenze, Ngifuna ubeke isandla sakho kumuntu othize oseduze kwakho, sisacula lelo futhi. Ngamunye wenu ngenelani. Masibambane ngezandla, omunye nomunye *kanjalo*. Kulungile.

Ng'zokwenza, ng'yakholwa;
Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa;
Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa
Ukuthi uJesu ungiphulukisile manje.

Bonke abaMkholwayo manje, phakamisani izandla zenu, ndawonye.

Ng'ykwazi, ng'zokwenza . . . (Sekuphelile. Unayo.) . . . kholwa;
Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa;
Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa
Ukuthi . . .

266 UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Borders. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Carl. UNkulunkulu akubusise.

